gazi. Mphoseleni emgodini lo lapha enkangala, kodwa lingambeki isandla.” URubheni watsho lokhu ukuze amlamulele kubo abesembuyisela kuyise. **23** Ngakho kwathi uJosefa efika kubafowabo, bamhlubula ijazi lakhe, elalibalazwe kakuhle ayeligqokile, **24** bamthatha bayamphosela emgodini. Umgodi lo wawungela lutho, kungelamanzi phakathi kwawo. **25** Bathi sebehlezi phansi ukuthi badle, bathi baphosa amehlo babona udwendwe lwama-Ishumayeli luvelela eGiliyadi. Amakamela abo ayethwaliswe iziyoliso, ibhami lemure, konke lokhu bekusa eGibhithe. **26** UJuda wathi kubafowabo, “Sizazuzani nxa sibulala umfowethu sigqibele igazi lakhe na? **27** Zwanini, kasimthengiseni kuma-Ishumayeli thina singambeki sandla; kambe yena evele engumfowethu, eyinyama yethu legazi lethu.” Abafowabo bavuma. **28** Ngakho kwathi abathengisi bamaMidiyani besedlula abafowabo bamkhupha uJosefa emgodini bamthengisa ngamashekeli esiliva angamatshumi amabili kuma-Ishumayeli, amthatha aya laye eGibhithe. **29** URubheni wathi esebuyela emgodini wafumana uJosefa engasekho, wasedabula izigqoko zakhe ngokudabuka. **30** Wabuyela kubafowabo wathi, “Umfana kasekho! Sengizakwenzanjani manje?” **31** Basebethatha ijazi likaJosefa, babulala imbuzi basebegxamuza ijazi lelo egazini. **32** Balithatha ijazi lokuceciswa babuyela lalo kuyise bathi, “Silidobhile. Ake ulikhangele kuhle kumbe lijazi lendodana yakho.” **33** Lakanye walibona liyilo wathi, “Lijazi lendodana yami. Udliwe yisilo esesabekayo. Ngempela uJosefa usedlithizwe waba

yizicucu.” **34** UJakhobe wasedabula izigqoko zakhe, wagqoka ezamasaka walilela indodana yakhe okwensuku ezinengi. **35** Wonke amadodana akhe lamadodakazi beza ukuzamduduzela, kodwa kavumanga ukududuzeka. Wathi, “Hatshi, ngizakuya ethuneni ngilila nginje, ngiye endodaneni yami.” Uyise wamkhalela kanjalo. **(Sheol h7585)** **36** Kusenjalo, amaMidiyani amthengisa uJosefa eGibhithe kuPhothifa, omunye wezikhulu zikaFaro, owayengumlawuli wabalindi.

**38** Ngalesosikhathi uJuda watshiya abafowabo wahamba wayahlala lendoda yase-Adulami eyayithiwa nguHira. **2** Khonale uJuda wabonana lendodakazi yendoda engumKhenani eyayithiwa nguShuwa. Wayithatha wembatha layo; **3** yathatha isisu yazala indodana yathiwa ngu-Eri. **4** Wazithwala njalo wazala indodana wayithi ngu-Onani. **5** Wazala njalo enye indodana wayithi nguShela. Le wayizalela eKhezibhi. **6** UJuda wazuzela u-Eri izibulo lakhe umfazi, ibizo lakhe linguThamari. **7** Kodwa u-Eri izibulo likaJuda, wayengcolile emehlweni kaThixo; uThixo wasambulala. **8** UJuda wasesithi ku-Onani, “Lala lomkamfowenu ugcwalise umlandu wakho njengomfowabo uzalele umfowenu abantwana.” **9** Kodwa u-Onani wakwazi ukuthi inzalo leyo yayingezukuba ngeyakhe; ngakho kwakusithi sonke isikhathi angalala lomkamfowabo achithele inhlanganyelo phansi emhlabathini ukuze angaze azalele umfowabo abantwana. **10** Lokho ayekwenza kwakukubi emehlweni kaThixo; ngakho uThixo wambulala. **11** UJuda wasesithi kumalukazana wakhe uThamari, “Hamba uyehlala njengomfelokazi

emzini kayihlo indodana yami uShela ize ikhule.” Ngoba wanakana wathi, “Laye angafa njengabanewabo.” Ngakho uThamari wahamba wayahlala emzini kayise. **12** Ngemva kwesikhathi eside umkaJuda, indodakazi kaShuwa wafa. Kwathi uJuda eseduduzekile waya eThimina, emadodeni ayegunda izimvu zakhe, ehamba lomngane wakhe uHira um’Adulami. **13** Kwathi uThamari esetsheliwe kwathiwa, “Uyihlozala uyeza eThimina ukuzagunda izimvu zakhe,” **14** wakhulula izigqoko zakhe zokuzila wazimboza ngesimbombozo ukuzifihla, wasehlala phansi eduzane lesango lase-Enayimi, elisendleleni yaseThimina. Ngoba wabona ukuthi loba uShela wayesekhulile, yena wayelokhu engakamphiwa ukuthi abe ngumkakhe. **15** UJuda wathi embona wacabanga ukuthi yisifebe, ngoba wayezivale ubuso. **16** Kwathi ngoba engamboni ukuthi ngumalokazana wakhe waya kuye eceleni komgwaqo wathi, “Woza manje, ngifuna ukulala lawe.” Yena wabuza wathi, “Uzangiphani ngingalala lawe?” **17** Wathi, “Ngizakuthumezela izinyane lembuzi emhlambini wami.” UThamari wabuza wathi, “Uzangipha na ulutho lube yisibambiso ungakalithumezi?” **18** Wathi, “Ngikuphe sibambiso bani?” Waphendula wathi, “Isilengiso sophawu lwakho lentambo yaso, kanye lodondolo lwakho oluphetheyo.” Ngakho wamupha lezozinto waselala laye, wahle wazithwala. **19** Esesuka lapho uThamari wakhupha isimbombozo sakhe wagqoka izigqoko zakhe zokuzila njalo. **20** Kusenjalo uJuda wathumezela izinyane lembuzi ngomngane wakhe um’Adulami ukuze abuyiselwe isibambiso sakhe esasikowesifazane lowo, kodwa

wamswela. **21** Wabuza amadoda ayehlala lapho wathi, “Singaphi isifebe ebesilapha eceleni komgwaqo e-Enayimi na?” Athi, “Kakuzange kube lesifebe lapha.” **22** Ngakho wasebuyela kuJuda wayakuthi, “Kangimfumananga. Futhi amadoda lawo ahlala khona athi kakuzange kube lesifebe esasihlala lapho.” **23** UJuda wasesithi, “Myekele ahle akugcine khonokho alakho funa sicine sesiyinhlekisa. Phezu kwalokho mina bengimthumezele izinyane lembuzi, kodwa kawusamfumananga.” **24** Ngemva kwezinyanga ezintathu uJuda watshelwa ukuthi umalukazana wakhe uThamari wayesefebile wasethatha isisu. UJuda wathi, “Mkhupheni, atshiswe aze afe.” **25** Kwathi lapho ekhutshwa wathumela ilizwi kuyisezala wathi, “Ngoniwa yindoda engumnikazi walezizinto.” Wengeza ngokuthi, “Akubone ukuthi singaba ngesikabani isilengiso sophawu lesi lentambo kanye lodondolo lolu.” **26** UJuda wazazi izinto lezo wathi, “Ulungile kulami, ngoba kangisamphanga endodaneni yami uShela.” Kasaphindanga wembatha laye njalo. **27** Kwathi isikhathi sakhe sokubeletha sesifikile, wayelamaphahla angabafana esiswini. **28** Wathi khonapho ebeletha omunye wawo wakhupha isandla; umbelethisi wathatha intambo ebomvu wayibophela esihlakaleni sesandla salo wathi, “Leli yilo eliphume kuqala.” **29** Kodwa labuyisela isandla, umfowabo waphuma kuqala, wasesithi, “Le yiyo indlela ofohle ngayo!” Laseliphiwa ibizo elithi nguPherezi. **30** Ngakho umfowabo, owayelentambo esihlakaleni, waphuma wethiwa ibizo wathiwa nguZera.

**39** UJosefa wathathwa wasiwa eGibhithe. UPhothifa, owayengomunye wezikhulu zikaFaro, eyindunankulu yabalindi, wamthenga kuma-Ishumayeli abayibo abamletha khona. **2** UThixo wayelaye uJosefa, waphumelela, wahlala endlini yenkosi yakhe umGibhithe. **3** Kwathi inkosi yakhe ikubona ukuthi uThixo wayelaye lokuthi uThixo wamphumelelisa kukho konke ayekwenza, **4** uJosefa wasethandeka kuye wasesiba yinceku yakhe. UPhothifa wasembeka ukuba ngumphathi womuzi wakhe, kwathi konke ayelakho wakubeka ezandleni zakhe. **5** Kusukela ngesikhathi embeka ukuba ngumphathi womuzi wakhe lakho konke okwakungokwakhe, uThixo wawubusisa umuzi womGibhithe ngenxa kaJosefa. Isibusiso sikaThixo saba phezu kwakho konke uPhothifa ayelakho, loba kusendlini loba kusensimini. **6** Ngakho watshiya konke okwakhe ezandleni zikaJosefa; kwathi ngoba uJosefa enguye ophetheyo wakhohlwa ngakho konke ngaphandle kokudla ayekudla. UJosefa lo wayemi kuhle, ebukeya, **7** kwasekusithi ngemva kwesikhathi inkosikazi yenkosi yakhe yambuka, yamfisa uJosefa yathi, “Woza engutsheni lami!” **8** Kodwa wala. Wamtshelela wathi, “Njengoba kuyimi engiphetheyo, inkosi yami kayizihluphi ngalutho emzini wayo; yonke into elayo iyibeke ezandleni zami. **9** Kakho omkhulu kulami kulumuzi. Inkosi yami kayingalisi lutho ngaphandle kwakho, ngoba wena ungumkayo. Pho ngingayenza kanjani into embi kanje, ngenze isono kuNkulunkulu na?” **10** Kwathi loba emphikelela uJosefa insuku ngensuku, wala ukulala laye wala lokuthi ahlale laye. **11** Ngolunye usuku

wangena endlini ukuqhuba umsebenzi wakhe, izisebenzi zasendlini zingekho phakathi endlini. **12** UmkaPhothifa wambamba ngesigqoko wathi, “Woza engutsheni ulale lami!” Kodwa waphunyuka wabaleka waphuma endlini, isigqoko sakhe sasala esandleni sowesifazane. **13** Kwathi ebona ukuthi utshiye isigqoko sakhe esandleni sakhe njalo wabaleka endlini, **14** owesifazane wamemeza izisebenzi zendlini wathi kuzo, “Khangelani, umHebheru lo walethwa lapha ukuzadlala ngathi! Ungene lapha efuna ukulala lami, kodwa ngahlaba umkhosi. **15** Uthe esizwa ngihlaba umkhosi ngidinga uncedo, wasetshiya isigqoko sakhe eceleni kwami wabaleka waphuma endlini.” **16** Wasigcina isigqoko eceleni kwakhe inkosi kaJosefa yaze yabuya ngekhaya. **17** Waseyitshela indaba le wathi: “Isigqili somHebheru lesiyana owasilethela sona sifikile kimi ukuzadlala ngami. **18** Kodwa ngonele ukuthi ngihlabe umkhosi ngidinga uncedo, satshiya isigqoko saso eceleni kwami sabaleka saphuma endlini.” **19** Kwathi inkosi yakhe isizwile indaba eyayitshelwa ngumfazi esithi, “Singenze njalo isigqili sakho,” yathukuthela kakhulu. **20** Inkosi yakhe uJosefa yamthatha yamphosela entolongweni, indawo lapho okwakuvallelwa khona izibotshwa zenkosi. Kodwa kwathi uJosefa ekhonapho entolongweni, **21** uThixo waba laye; wamenzela umusa wamenza wathandeka emehlweni omphathijele. **22** Ngakho-ke umphathijele wamkhweza wamenza umphathi wabo bonke ababebotshiwe besentolongweni, njalo kwaba nguye okhangele konke okwakusenziwa khona. **23** Umphathijele kazange azihluphe loba ngani eyayiphethwe

nguJosefa ngoba uThixo wayelaye uJosefa, wamupha impumelelo kukho konke ayekwenza.

**40** Emva kwesikhathi esithile umphathinkezo lomphekizinkwa wenkosi yaseGibhithe bayikhuba inkosi yabo, inkosi yaseGibhithe. **2** UFaro wayezizondele izikhulu zakhe zombili, umphathinkezo omkhulu lomphekizinkwa omkhulu, **3** wabaphosela entolongweni eyayisendlini kandunankulu wabalindi, lapho uJosefa ayevalelwe khona. **4** Indunankulu yabalindi yabanikela kuJosefa, wabalawula. Kwathi sebehlale entolongweni okwesikhathi esithile, **5** ngulowo wamadoda la amabili, umphathinkezo lomphekizinkwa, abenkosi yaseGibhithe, ababevalelwe baphupha amaphupho ngabusuku bunye, kwathi yilelo iphupho laba lengcazelo yalo. **6** Kwathi uJosefa efika kubo kusisa ekuseni, wabona bebunile. **7** Wasezibuza izikhulu zikaFaro ezazisentolongweni kanye laye endlini yenkosi yakhe wathi, “Kungani ubuso benu bubunile kanje lamuhla na?” **8** Baphendula bathi, “Sobabili siphuphile, kodwa kakho ongasichasisela amaphupho ethu.” Ngakho uJosefa wasesithi kubo, “Izingcazelo kakusizikaNkulunkulu na? Ngitshelani amaphupho enu.” **9** Umphathinkezo omkhulu wamtshela uJosefa ngephupho lakhe. Wathi kuye, “Ephutsheni lami ngibone isihlahla sevini siphambi kwami, **10** lelovini lilengatsha ezintathu. Lonela ukuhluma lahle laqhakaza, amaxha alo ahle avuthwa aba yizithelo ezivuthiweyo. **11** Inkezo kaFaro ibisesandleni sami, ngawathatha amagrebisi ngawakhamela enkezweni kaFaro ngamqhubela esandleni sakhe.” **12** UJosefa wathi



kuye, “Nanku elikutshoyo. Amagatsha amathathu yizinsuku ezintathu. **13** Phakathi kwensuku ezintathu uFaro uzaphakamisa ikhanda lakho akubisele esikhundleni sakho, njalo uzayibeka inkezo kaFaro esandleni sakhe njengalokhu owawuvele ukwenza usesengumphathinkezo yakhe. **14** Kodwa nxa konke sekulungile ungikhumbule, ungenzele umusa; ungikhulumele kuFaro ukuze ngiphume kule intolongo. **15** Ngoba ngasuswa ngamandla elizweni lamaHebheru, futhi lapha kangenzanga lutho olufanele ukuthi ngifakwe entolongweni.” **16** Kwathi umphekizinkwa omkhulu ebona ukuthi uJosefa wayenike ingcazelo emnandi, wathi kuJosefa, “Lami njalo ngiphuphile: Phezu kwekhanda lami bekulezitsha zesinkwa ezintathu. **17** Esitsheni esiphezulu bekulemihlobo yonke yalokho okubhekhelwe uFaro, kodwa izinyoni zazilokhu zisidlala esitsheni sisekhanda lami.” **18** UJosefa wathi, “Nanku elikutshoyo. Izitsha ezintathu zinsuku ezintathu. **19** Phakathi kwensuku ezintathu uFaro uzaliphakamisa ikhanda lakho akulengise esihlahleni. Izinyoni zizakudla inyama yakho.” **20** Ilanga lesithathu laliyisikhumbuzo sokuzalwa kukaFaro, ngakho wenzela izikhulu zakhe idili. Waphakamisa amakhanda amabili, elomphathinkezo omkhulu lelomphekizinkwa omkhulu phambi kwezikhulu zakhe: **21** Wabuyisela umphathinkezo esikhundleni sakhe, waphinda njalo ukubeka inkezo esandleni sikaFaro, **22** kodwa walengisa umphekizinkwa omkhulu, kwaba njengoba uJosefa wayetshilo kubo

ekubachasiseleni kwakhe. **23** Kodwa umphathinkezo omkhulu kasamkhumbulanga uJosefa; wakhohlwa ngaye.

**41** Kwathi sekwedlule iminyaka emibili egcweleyo uFaro waba lephupho: Wazibona emi okhunjini lukaNayili, **2** kwasekuqhamuka emfuleni lowo amankomokazi ayisikhombisa, egcwele njalo enonile, esidla phakathi kwemihlanga. **3** Ngemva kwawo kwathutsha amanye ayisikhombisa, amabi njalo acakileyo, aphuma kuNayili afika ema eceleni kwalawo ayesokhunjini lomfula. **4** Amankomokazi ayemabi, ecakile aginya lawo ayisikhombisa ayegcwele, enonile. UFaro wasephaphama. **5** Wabuye walala waphupha okwesibili: Izikhwebu zamabele eziyisikhombisa, zigcwele zizinhle, zazikhula ehlangeni linye. **6** Ngemva kwazo kwakhula ezinye izikhwebu eziyisikhombisa, zicakile njalo zihangulwe ludwangu. **7** Izikhwebu lezo ezazicakile zaginya lezo eziyisikhombisa ezaziphilile, zigcwele. UFaro wasephaphama, kwakuliphupho nje. **8** Ekuseni umoya wakhe wawukhathazekile, ngakho wasesithi kakubizwe bonke abemilingo lezazi zaseGibhithe. UFaro wabatshela amaphupho akhe, kodwa akakho loyedwa owakwaziyo ukuwachasisa. **9** Umphathinkezo omkhulu wathi kuFaro, “Lamuhla sengikhumbula amaphutha ami. **10** UFaro wake wazondela izinceku zakhe, wangivalela mina kanye lomphekizinkwa omkhulu endlini yendunankulu yabalindi. **11** Ngamunye wethu waba lephupho ngobusuku bunye, iphupho linye ngalinye lalilengcazelo yalo lodwa. **12** Kwakulejaha lomHebheru khonapho, lathi liyinceku yendunankulu yabalindi. Salitshela amaphupho

ethu, lasichasisela wona, lisipha ngulowo ingcazelo yephupho lakhe. **13** Izinto zaba njengokusichazela kwakhe: ngabuyiselwa esikhundleni sami, lomkhula wami walengiswa.” **14** Ngakho uFaro wabiza uJosefa, waletswa masinyane esuka entolongweni. Kwathi esephucile indevu, wantshintsha izigqoko weza phambi kukaFaro. **15** UFaro wathi kuJosefa, “Ngiphuphe iphupho, kodwa kakho ongangichasisela lona. Kodwa ngizwa kuthiwa wena, nxa ungalizwa iphupho uyalichasisa.” **16** UJosefa wamphendula uFaro wathi, “Ngeke ngikwenze, kodwa uNkulunkulu uzamnika uFaro impendulo ayidingayo.” **17** UFaro wasesithi kuJosefa, “Ephutsheni lami bengimi okhunjini lukaNayili, **18** ngasengibona kuqhamuka amankomokazi ayisikhombisa, anonileyo, egcwele, esidla phakathi kwemihlanga. **19** Ngemva kwawo kwaqhamuka amanye amankomokazi ayisikhombisa, etshwabhene, emabi kakhulu futhi ecakile. Ngangingakaze ngibone amankomokazi amabi kangako kulolonke elaseGibhithe. **20** Lawo mankomokazi acakileyo, amabi adla lawana amankomokazi ayisikhombisa ayenonile ayiwo aqhamuka kuqala. **21** Kodwa loba esewadlile lawo kakho owayengatsho ukuthi atheni; ayelokhu emabi njengakuqala. Ngasengiphaphama. **22** Ephutsheni lami ngibone njalo izikhwebu zamabele eziyisikhombisa, zigcwele, njalo zizinhle zikhula ehlangeni linye. **23** Ngemva kwazo, kwahluma ezinye izikhwebu eziyisikhombisa, zibunile njalo zicakile, zihangulwe ludwangu. **24** Lezizikhwebu zamabele ezicakileyo zaginya leziyana eziyisikhombisa ezinhle. Ngibatshelile abamasalamusi

ngalokhu, kodwa kakho okwazileyo ukungichasisela.”

**25** UJosefa wasesithi kuFaro, “Amaphupho kaFaro ayilutho lunye. UNkulunkulu usevezile kuFaro lokho asezakwenza. **26** Amankomokazi ayisikhombisa amahle ayiminyaka eyisikhombisa, njalo lezikhwebu zamabele ezinhle ziyiminyaka eyisikhombisa; kuliphupho linye. **27** Amankomokazi ayisikhombisa eza muva yiminyaka eyisikhombisa, kanjalo lezikhwebu eziyisikhombisa ezazingelamsebenzi, zitshaywe ludwangu: Yiminyaka eyisikhombisa yendlala. **28** Kunjengokuba ngitshilo kuFaro. UNkulunkulu usevezile kuFaro lokho azakwenza. **29** Sekusiza iminyaka eyisikhombisa eyenala enkulu kulolonke elaseGibhithe, **30** kodwa izalandelwa yiminyaka eyisikhombisa yendlala. Kuzakuthi yonke inala enkulu eGibhithe ikhohlakale, ngoba indlala izalibhubhisa ilizwe. **31** Inala elizweni izabe ingasakhunjulwa, ngoba indlala eyilandelayo izabe inkulu kakhulu. **32** Isizatho sokuthi iphupho liphiwe uFaro ngezindlela ezimbili yikuthi, indaba isimiswe yaqiniswa nguNkulunkulu, njalo uNkulunkulu uzakukwenza masinyane. **33** Khathesi-ke uFaro kadinge indoda elombono njalo ehlakaniphileyo ayibeke phezu kwelizwe laseGibhithe. **34** UFaro abesekeletha abalisa elizweni abazathatha ingxenye eyodwa kwezinhlanu yesivuno saseGibhithe ngeminyaka yenala eyisikhombisa. **35** Kumele baqoqe konke ukudla ngale iminyaka emihle ezayo bakugcine ukudla ngaphansi kukaFaro, kugcinwe emadolobheni ukuthi kube yikudla. **36** Ukudla lokhu kakugcinelwe ilizwe kulondolozelwe ukusetshenziswa ngeminyaka eyisikhombisa yendlala

ezafika eGibhithe, ukwenzela ukuthi ilizwe lingabhujiswa yindlala.” **37** Icebo leli lakhanya lilihle kuFaro lakuzo zonke izikhulu zakhe. **38** UFaro wasezibuza wathi, “Kambe singamfumana yini omunye onjengendoda le, umuntu olomoya kaNkulunkulu?” **39** UFaro wasesithi kuJosefa, “Njengoba uNkulunkulu esekwazisile konke lokhu, kakho olombono onje lohlakaniphileyo njengawe. **40** Wena-ke usuzaphatha isigodlo sami, kuthi bonke abantu bami bazalalela iziqondiso zakho. Mina ngizakuba mkhulu kulawe ngesikhundla sesihlalo sobukhosi sami kuphela.” **41** Ngakho uFaro wasesithi kuJosefa, “Sengikubeka ukuthi wena uliphathe lonke ilizwe laseGibhithe.” **42** UFaro wasethatha indandatho yophawu lwakhe eyayisemunweni wakhe wayifaka emunweni kaJosefa. Wamgqokisa izembatho zelineni elihle wamgqizisa iketane yegolide entanyeni. **43** Kwathiwa usezahamba ngenqola yempi njengoba esenguye umsekeli wakhe oseduze, kwathi edlula abantu bamemeza bathi, “Vulani indlela!” Wambeka-ke ukuthi aphaathe ilizwe lonke laseGibhithe. **44** UFaro wasesithi kuJosefa, “Mina nginguFaro, kodwa ngaphandle kwelizwi lakho kakho ozasiphakamisa isandla loba unyawo kulolonke elaseGibhithe.” **45** UFaro wetha uJosefa ibizo elithi Zafenathi-Phaneya, wasemupha u-Asenathi indodakazi kaPhothiifera, umphristi wase-Oni ukuba abe ngumkakhe. UJosefa walibhoda lonke ilizwe laseGibhithe. **46** UJosefa wayeleminyaka engamatshumi amathathu yokuzalwa eqalisa ukusebenzela uFaro inkosi yaseGibhithe. UJosefa wasuka phambi kukaFaro walibhoda lonke ilizwe laseGibhithe. **47** Ngeminyaka eyisikhombisa

yenala umhlaba wathela ukudla okunengi kakhulu. **48** UJosefa wakuqoqa konke ukudla okwavunwa phakathi kwaleyominyaka eyisikhombisa yenala eGibhithe wakulondoloza emadolobheni. Kulelo lalelodolobho wabeka ukudla okwakulinywa emasimini akuleyondawo. **49** UJosefa waqoqa izinqwaba lezinqwaba zamabele, kwaba njengetshebetshebe lolwandle. Kwaba kunengi waze wayekela ukukubhala phansi ngoba kwasekungaphezu kokulinganiswa. **50** Ingakafiki iminyaka yendlala, u-Asenathi, indodakazi kaPhothifera, umphristi ka-Oni wazalela uJosefa amadodana amabili. **51** UJosefa wetha izibulo lakhe wathi nguManase, esithi, “Kungenxa yokuthi uNkulunkulu wenzile ukuthi ngilukhohlwe lonke uhlupho lwami kanye layo yonke indlu kababa.” **52** Indodana yesibili wayibiza ngokuthi ngu-Efrayimi, wathi, “Kungenxa yokuthi uNkulunkulu ungenze ngaba lezithelo elizweni lokuhlupheka kwami.” **53** Iminyaka yenala eyisikhombisa eGibhithe yaphela, **54** kwaqalisa iminyaka yendlala eyisikhombisa, njengoba uJosefa wayetshilo. Indlala yaba khona kuwo wonke amanye amazwe, kodwa kulolonke ilizwe laseGibhithe ukudla kwakukhona. **55** Kwathi lapho iGibhithe lonke selingenelwa yindlala abantu bazibika kuFaro befuna ukudla. Ngakho uFaro wasebatshela bonke abaseGibhithe wathi, “Yanini kuJosefa lenze lokho alitshela khona.” **56** Kwathi indlala isimemetheke kulolonke ilizwe uJosefa wavula iziphala wawathengisela amaGibhithe ukudla ngoba indlala yayisinkulu kakhulu kulolonke ilizwe laseGibhithe. **57** Kwathi wonke amanye amazwe eza eGibhithe ezothenga

amabele kuJosefa, ngoba indlala yayibhahile kuwo wonke umhlaba.

**42** Kwathi uJakhobe esezwile ukuthi amabele ayekhona eGibhithe wathi emadodaneni akhe, “Kungani likhangelana nje?” **2** Waqhubeka wathi, “Sengizwile ukuthi amabele akhona eGibhithe. Yehlani liye khona liyesithengela wona ukuze siphile singafi.” **3** Ngakho abanewabo bakaJosefa behla bayathenga amabele eGibhithe. **4** Kodwa uJakhobe kamthumanga labanye uBhenjamini, umnawakhe kaJosefa ngoba wesaba ukuthi angaqabuka ewelwa yingozi. **5** Kungakho amadodana ka-Israyeli ayeludwendwe lunye lalabo ababesiyathenga amabele njengoba indlala yayikhona laselizweni leKhenani. **6** Ngalesosikhathi uJosefa wayengumbusi welizwe, enguye othengisela abantu bonke amabele. Ngakho abafowabo bakaJosefa bathi befika khona bamkhothamela, bathi mbo ngobuso phansi. **7** UJosefa wonela ukubabona abafowabo, wabazi, kodwa wazitshaya owezizweni, wabakhulumisa ngokubakhahlameza. Wababuza wathi, “Livela ngaphi?” Baphendula bathi, “Sivela elizweni laseKhenani ukuzathenga ukudla.” **8** Lanxa uJosefa wabazi abafowabo, bona kabamazanga. **9** Ngakho wasekhumbula amaphupho akhe ngabo wasesithi kubo, “Lizihloli! Lilande ukuzabona lapho ilizwe lethu elingavikelekanga khona.” **10** Baphendula bathi, “Hatshi, nkosi yethu. Izinceku zakho zize ukuzothenga ukudla. **11** Singamadodana endoda yinye sonke. Izinceku zakho zingabantu abaqotho, kazisizo zinhloli.” **12** Wathi kubo, “Hatshi! Lize ukuzabona

lapho ilizwe lethu elingavikelekanga khona.” **13** Kodwa baphendula bathi, “Izincku zakho zaziizelamani ezilitshumi lambili, engamadodana endoda yinye, ehlala elizweni laseKhenani. Icinathunjana lisele lobaba, ikanti eyodwa kayisekho.” **14** UJosefa wathi kubo, “Kunjengoba ngilitshelile: Lizinhlo! **15** Manje-ke lizahlolwa kanje: Ngifunga uFaro, kaliyikusuka lapha ngaphandle kokuthi umfowenu omncinyane afike lapha. **16** Thumani omunye wenu amlande umfowenu; lonke abanye lizagcinwa entolongweni, ukuze amazwi enu ahlolisiswe ukuthi lingabe likhuluma iqiniso yini. Nxa kungenjalo, ngifunga uFaro, lizinhlo!” **17** Wasebafaka entolongweni bonke okwensuku ezintathu. **18** Ngosuku lwesithathu uJosefa wathi kubo, “Yenzani lokhu ukuze lisile, ngoba mina ngesaba uNkulunkulu: **19** Nxa lingabantu abaqotho, omunye wenu kahlale lapha entolongweni, kuthi lina abanye libuyele lihambisele izimuli zenu amabele esezibulawa yindlala. **20** Kodwa limlethe lapha kimi umnawenu omncane ukuze amazwi enu aqiniseke, njalo ukuze lingafi.” Bakwenza lokho. **21** Basebekhulumisana bathi, “Ngempela sijezielwa umfowethu. Sambona ukuthi wayekhathazeke kangakanani esincenga, ezincengela impilo yakhe, kodwa kasaze samlalela; kungakho sisehlelwa luhlupho lolu.” **22** URubheni waphendula wathi, “Kodwa kangilitshelanga yini ukuthi lingenzi isono emfaneni lina laqinisa amakhanda? Nanku-ke sesimele sifakaze ngegazi lakhe.” **23** Babengakunanzeleli ukuthi uJosefa wayeluzwa ulimi lwabo njengoba wayelomtolikelayo. **24** Wabafulathela wachiphiza



izinyembezi, kodwa waphenduka wakhuluma labo. Wathi kuthathwe uSimiyoni kubo owahle wabotshwa phambi kwabo. **25** UJosefa waselaya ukuthi kugcwaliswe amabele emasakeni abo, kubuyiselwe imali yalowo lalowo ifakwe phakathi kwesaka lakhe njalo baphiwe umphako wendlela. Sebekwenzelwe konke lokho, **26** betshata amasaka abo kubobabhemi bahamba. **27** Endaweni lapho abema khona ngalobubusuku omunye wabo wavula isaka lakhe ukuthathela ubabhemi wakhe ukudla, wasebona imali yakhe yesiliva emlonyeni wesaka. **28** Wathi kubafowabo, “Isiliva sami sibuyiselwe. Nansi lapha phakathi kwesaka lami.” Zatshona inhliziyo zabo bakhangelana bethuthumela bathi, “Kuyini kambe lokhu uNkulunkulu asekwenzile kithi?” **29** Bathi sebefike kuyise uJakhobe elizweni laseKhenani bamtshela konke lokho okwakwenzakele kubo. Bathi, **30** “Indoda eyinkosi yelizwe isikhulumise ngokusihalada, yasiphatha kwangathi sizinhlozi elizweni. **31** Kodwa sathi kuyo, ‘Singamadoda aqotho; kasisizonhloli thina. **32** Sasiyizelamani ezilitshumi lambili, amadodana endoda yinye. Omunye sowedlula, kuthi icinathunjana lisele lobaba eKhenani.’ **33** Ngakho umuntu oyinkosi yalelolizwe wasesithi kithi, ‘Nanku okuzangenza ngazi ukuthi lingabantu abaqotho: Tshiyani omunye umfowenu lapha kimi, lithathe ukudla kwezimuli zenu ezilambayo lihambe. **34** Kodwa umnawenu limlethe kimi khona ngizakwazi ukuthi kalisizinhlozi, kodwa lingabantu abaqotho. Lapho-ke ngizambuyisela kini umfowenu, lani selingazithengisela phakathi kwelizwe.” **35** Bathi sebethulula amasaka abo, babona umxhaka

wesiliva waleyo laleyo ndoda esakeni layo! Kwathi bona ngokwabo kanye loyise bebona imixhaka yemali besaba. **36** Uyise uJakhobe wathi kubo, “Selingephuce abantwabami. UJosefa kasekho, loSimiyoni kasekho; manje selifuna ukuthatha uBhenjamini. Yonke into iyangihlamukela!” **37** URubheni wasesithi kuyise, “Ungawabulala womabili amadodana ami nxa ngingangambuyisi kuwe. Mnikele ezandleni zami, mina ngizambuyisa.” **38** Kodwa uJakhobe wathi, “Indodana yami kayiyikuhamba lani khonale; umnewabo sewafa, usenguye yedwa oseleyo. Nxa evelelwa ngokubi kuloluhambo lwenu lizakwenza ukuthi ikhanda lami eliyimpunga liye engcwabeni lidabukile.” (Sheol h7585)

**43** Indlala yayilokhu inkulu kakhulu elizweni. **2** Ngakho kwathi sebekuqedile konke ukudla ababekuthenge eGibhithe, uyise wathi kubo, “Buyelani liyesithengela njalo okunye ukudla okunenganyana.” **3** Kodwa uJuda wathi kuye, “Indoda leyo yasiqonqosela yathi, ‘Ngeke liphinde libubone ubuso bami ngaphandle kokuba lilomnawenu.’ **4** Nxa uzamvumela umnawethu ukuthi sihambe laye, sizahamba siyekuthengela ukudla. **5** Kodwa nxa ungezukuvuma, ngeke sibuyele, ngoba phela indoda leyo yathi kithi, ‘Ngeke liphinde libubone ubuso bami nxa umnawenu lingelaye.’” **6** U-Israyeli wabuza wathi, “Likwenzeleni lina ukungehlisela uhlupho lolu ngokuyitshela indoda leyo ukuthi lilomnawenu na?” **7** Baphendula bathi, “Leyondoda isibuzisisile ngathi langendlu yangakithi yathi, ‘Uyihlo usaphila na? Lilaye na omunye umfowenu?’ Thina besiphendula imibuzo yayo kuphela. Sasingazi kanjani ukuthi yayizakuthi,

‘Mletheni umnawenu lapha?’” **8** UJuda wasesithi ku-Israyeli uyise, “Wothi umfana ahambe lami, sizahle sisuke nje masinyane, ukwenzela ukuthi thina lawe kanye labantwabethu siphile, singafi. **9** Mina ngokwami ngizazinikela ngokuphepha kwakhe; umlandu wonke ngaye awubekwe phezu kwami. Nxa ngingambuyisi kuwe ngimbeke phambi kwakho, ngizakuba lecala kuwe impilo yami yonke. **10** Njengoba kunjengoba nje, aluba asizilingananga ngabe sesihambe saphenduka kwaze kwaba kabili.” **11** Ngakho uyise u-Israyeli wasesithi kubo, “Nxa kumele kube njalo, yenzani lokhu: Fakani emasakeni enu ezinye izinto ezinhle kakhulu eziphuma kulelilizwe lihambe lazo kulowomuntu zibe yisipho, amagcobo okuthambisa loluju, iziyoliso ezithile lemure, izilimo ezicacawayo zephistakhiyo le-alimondi. **12** Thathani isiliva esiphindwe kabili, ngoba kufanele libuyisele lesosiliva esasibuyiselwe emasakeni enu. Mhlawumbe kwaba yisiphosiso. **13** Mthatheni umnawenu laye libuyele kuleyondoda ngokuphangisa. **14** Sengathi uNkulunkulu uSomandla angalenzela umusa kuleyondoda ukuze ivumele omunye umfowenu kanye loBhenjamini baphenduke lani. Mina ngokwami ngithi, kambe okungayisikufa yikuphi!” **15** Ngakho amadoda athatha izipho lesiliva esiphindwe kabili kanye loBhenjamini. Batshitsha baya eGibhithe bayazibika kuJosefa. **16** Kwathi uJosefa ebona uBhenjamini ekanye labo, wathi encekwini yendlu yakhe, “Hamba lamadoda la endlini yami, uwahlabele isifuyo ulungise ukudla; bazakudla lami emini.” **17** Indoda yenza njengokutshelwa kwayo

nguJosefa, yawathatha amadoda yahamba lawo endlini kaJosefa. **18** Amadoda ethuka ebona elethwa endlini kaJosefa. Bacabanga ukuthi, “Silethwe lapha ngenxa yesiliva esabuyiselwa emasakeni ethu ekufikeni kwethu kwakuqala. Ufuna ukusihlasela asehlule, abesesithumba sibe yizigqili athathe obabhemi bethu.” **19** Ngakho baya encekwini kaJosefa bayakhuluma laye entubeni eya endlini. **20** Bathi, “Ake usizwe, nkosi yethu: Safika lapha kuqala sizothenga ukudla. **21** Kodwa lapho esaphumula khona ebusuku savula amasaka ethu, kwaba ngulowo wethu wafumana isiliva sakhe, siphelele ubunzima baso, sisemlonyeni wesaka lakhe. Ngakho size laso. **22** Size lesinye isiliva phezu kwaleso ukuthi sithenge ukudla. Kasikwazi ukuthi ngubani owabuyisela isiliva emasakeni ethu.” **23** Wathi, “Kulungile. Lingesabi. UNkulunkulu wenu, uNkulunkulu kayihlo, uliphile inotho emasakeni enu; mina ngasiphiwa isiliva senu.” Emva kwalokho waseletha uSimiyoni kubo. **24** Inceku yasiwangenisa amadoda endlini kaJosefa, yawapha amanzi okugeza inyawo zawo, yaletsa lotshani babobabhemi bawo. **25** Balungisa izipho zabo balindela ukufika kukaJosefa emini ngoba basebezile ukuthi babezakudla khonapho. **26** UJosefa esefikile bethula izipho ababengene lazo endlini, njalo bakhothama kuye phansi. **27** Wababuza ukuphila, wasesithi, “Linjani ixhegu elinguyihlo elangitshela ngalo? Lilokhu lisaphila na?” **28** Baphendula bathi, “Inceku yakho, ubaba, ulokhu esaphila njalo usaqinile.” Bakhothama njalo betshengisa inhlonipho. **29** Wathi elokhu ebakhangelwa wabona umnawakhe uBhenjamini,

umntakanina sibili, wabuza wathi, “Nguye lo umnawenu olicinathunjana na, lowo elangitshela ngaye?” Wasesithi kuye, “UNKulunkulu kabe lomusa kuwe, ndodana yami.”

**30** Wathinteka kakhulu ngokubona umnawakhe, uJosefa waphangisa waphuma wayafuna indawo yokukhala. Waya ekamelweni lakhe wayakhalela khona. **31** Wathi esegezile amehlo waphuma, wazibamba, wasesithi, “Phakululani ukudla.” **32** Yena bamupha yedwa, abafowabo labo bodwa, kwathi lamaGibhithe ayesidla laye lawo aba wodwa, ngoba amaGibhithe ayengeke adla lamaHebheru, ngoba lokho kwakunengeka kumaGibhithe. **33** Amadoda la ayehelezi ngobudala bawo kuqala ngezibulo kusiyacina ngecinathunjana; bakhangelana bemangele. **34** Kwakusithi nxa bephakelwa kusuka etifuleni likaJosefa, isabelo sikaBhenjamini sasedluliswa kahlanu kwesabanye. Ngakho bazitika banatha laye bekhululekile.

**44** UJosefa waselaya inceku yendlu yakhe wathi: “Gcwalisa silikici amasaka amadoda la ngokudla konke abangakuthwala, ubusubuyisela isiliva salowo lalowo emlonyeni wesaka lakhe. **2** Ubusufaka inkomitsho yami, leyana eyesiliva, emlonyeni wesaka lalowo omncinyane wabo ndawonye lesiliva sakhe samabele.” Yenza njengalokho uJosefa ayekutshilo. **3** Kwathi emadabukakusa bawavalelisa amadoda asuka kanye labobabhemi bawo. **4** Ayengakahambi okuya ngaphi ukusuka edolobheni lapho uJosefa athi encekwini yakhe, “Axhume ngokuphangisa amadoda lawana, ungawafica uthi kuwo, ‘Lenzeleni ukuphindisela okuhle ngokubi na? **5** Le kakusinkomitsho enatha ngenkosi yami njalo

ehlahlula ngayo na? Le yinto embi kakhulu eseliyenzile!”

**6** Wathi esebaficile wawatsho amazwi la kubo. **7** Kodwa bathi kuye, “Kungani inkosi yethu isitsho izinto ezinjalo? Kakube kude lezinceku zakho ukwenza ulutho olunjalo! **8** Phela siyibuyisile kuwe isiliva sisuka laso elizweni laseKhenani, lesiyana esasifumana phakathi emilonyeni yamasaka ethu. Pho besingakwenza njani ukweba isiliva loba igolide endlini yenkosi yakho na? **9** Nxa omunye wezinceku zakho efunyanwa elayo, uzabulawa; kuthi thina abanye sibe yizigqili zenkosi yethu.” **10** Wathi, “Kulungile, kakube njengokutsho kwenu. Lowo ozafunyanwa elayo uzakuba yisigqili sami, lina abanye lonke kalizukuba lecala.” **11** Ngulowo lalowo wabo wethula isaka lakhe walivula. **12** Inceku yasihamba ihlola, yaqala ngomdala yayacina ngomcinyane. Inkomitsho yayafunyanwa esakeni likaBhenjamini. **13** Bekubona lokhu badabula izigqoko zabo. Emva kwalokho bonke betshatisa obabhemi babo amasaka baphindela edolobheni. **14** UJosefa wayelokhu esendlini lapho uJuda labafowabo abafika khona bazilahla phansi phambi kwakhe. **15** UJosefa wathi kubo, “Kuyini lokhu elikwenzileyo? Kalazi na ukuthi umuntu onjengami ubona izinto ngokuhlahlula?” **16** UJuda waphendula wathi, “Kambe singabe sisathini? Singakuveza kanjani ukuba msulwa kwethu? UNkulunkulu usembule icala lezinceku zakho. Manje sesiyizichaka zenkosi yami, thina ngokwethu lalowo ofunyenwe elayo inkomitsho.” **17** Kodwa uJosefa wathi. “Kakube kude lami ukwenza into enjalo! Yileyo indoda kuphela efunyanwe ilayo inkomitsho ezakuba yisichaka sami. Abanye lonke

buyelani kuyihlo ngokuthula.” **18** UJuda wasesondela kuye wathi, “Oh, nkosi yami, akuvumele inceku yakho itsho ilizwi enkosini yami. Ungayizondeli inceku yakho, loba wena ulingana loFaro ngokwakhe. **19** Inkosi yami yabuza izinceku zayo yathi, ‘Lilaye na uyihlo kumbe umfowenu?’ **20** Thina saphendula sathi, ‘Silaye ubaba oseluphele, njalo ikhona indodana ayizala eseluphele. Umnewabo wafa, njalo yiyo yodwa eseleyo emadodaneni kanina, ngakho uyise uyayithanda.’ **21** Wena wasusithi ezincekwini zakho, ‘Mletheni kimi ukuze ngimbone mina ngokwami.’ **22** Thina sathi enkosini yami, ‘Umfana ngeke asuka kuyise; nxa esuka kuye, uyise uzakufa.’ **23** Kodwa izinceku zakho wazitshela wathi, ‘Ngaphandle kokuba umnawenu omncane lize laye, ngeke liphinde libubone njalo ubuso bami.’ **24** Sathi ukubuyela encekwini yakho ubaba, samtshela lokho okwaktshiwo yinkosi yami. **25** Ubaba wasesithi, ‘Buyelani liyethenga okunye njalo ukudla.’ **26** Kodwa thina sathi, ‘Ngeke siye khona. Kuphela nxa umnawethu omncane elathi, singahamba. Ngeke sibubone ubuso bendoda leyo ngaphandle kokuba umnawethu omncane silaye.’ **27** Inceku yakho ubaba yathi kithi, ‘Liyakwazi ukuthi umkami wangizalela amadodana amabili. **28** Omunye wabo wasuka kimi, ngathi, “Ngempela udlithiziwe waba yizicucu.” Ngakho kangisaphindanga ngambona kusukela khonapho. **29** Manje lingangithathela lalo futhi abesesehlelwa ngokubi, lizakwehlisela ikhanda lami eliyimpunga engcwabeni ngidabukile kakhulu.’ **(Sheol h7585)** **30** Ngakho-ke, nxa umfana singelaye lapho sengibuyela encekwini yakho ubaba, yena ompilo

yakhe isondelelene kakhulu leyomfana lo, **31** uzakuthi angabona umfana engekho, ahle afe. Thina zinceku zakho sizakusa ikhanda likababa eliyimpunga engcwabeni lihlulukelwe. (Sheol h7585) **32** Inceku yakho yanikela ukuphila kwayo ngokuphepha komfana kubaba. Ngathi, 'Nxa ngingambuyisi kuwe, ngizawuthwala lowomlandu kuwe, baba, impilo yami yonke!' **33** Ngakho-ke ngiyacela ukuthi uvumele inceku yakho isale lapha njengesichaka senkosi yami esikhundleni somfana, yena umfana akhululwe ahambe labanewabo. **34** Ngingabuyela ngithini kubaba umfana ngingelaye? Hatshi! Ungangenzi ngibone usizi olungamehlela ubaba."

**45** UJosefa wehluleka ukuzibamba phambi kwazo zonke izinceku zakhe, wasememeza wathi, "Sukani lonke lapha kimi!" Ngakho kakho owayekhona loJosefa lapho eziveza kubafowabo. **2** Wakhala kakhulu ephumisela amaGibhithe amuzwa, labendlu kaFaro bezwa ngalokho. **3** UJosefa wathi kubafowabo, "Mina nginguJosefa! Kambe ubaba usaphila na?" Kodwa abafowabo behluleka ukumphendula ngoba besaba kakhulu bephambi kwakhe. **4** UJosefa wasesithi kubafowabo, "Sondelani kimi." Bathi sebekwenzile lokho wathi, "Ngingumfowenu uJosefa, yena lowo elamthengisela eGibhithe! **5** Kodwa manje lingakhathazeki njalo lingaze lazisola ngenxa yokungithengisa lapha, ngoba kwakuyikusiza imiphfumulo ukuba uNkulunkulu angithume phambi kwenu. **6** Sekube yiminyaka emibili manje indlala ikhona elizweni, njalo okweminyaka emihlanu ezayo kakuyikulinywa loba ukuvuna. **7** Kodwa uNkulunkulu



wangithuma phambi kwenu ukuba alilondolozele insalela emhlabeni njalo aphephise impilo zenu ngokukhulula okukhulu. **8** Ngakho-ke, kwakungayisini elangithuma lapha, kodwa nguNkulunkulu. Wangenza ngaba ngubaba kuFaro, lenkosi yomuzi wakhe wonke kanye lombusi weGibhithe lonke. **9** Manje, phangisani liye kubaba lithi kuye, ‘Nanku indodana yakho uJosefa akutshoyo: UNkulunkulu usengenze ngaba yinkosi yalo lonke elaseGibhithe. Yehla uze kimi; ungaphuzi. **10** Uzahlala esigodini saseGosheni ube seduze lami, wena labantwabakho, labazukulu bakho; lemihlambi yakho yezimvu leyenkomo lakho konke olakho. **11** Ngizakunakekela ukhonapho ngoba kuseza eminye iminyaka emihlanu yendlala. Kungenjalo wena lomuzi wakho, labo bonke abangabakho lizahawukelwa.’ **12** Liyazibonela ngokwenu, njengoba lomnawami uBhenjamini ebona, ukuthi yimi mina ngeqiniso engikhuluma lani. **13** Limtshele ubaba ngalo lonke udumo engiluphiwayo eGibhithe langakho konke elikubonileyo. Ubaba limlethe ngokuphangisa lapha.” **14** Wasegona umnawakhe uBhenjamini, wakhala, loBhenjamini wamanga ekhala. **15** Njalo wabanga bonke abafowabo ekhala kulowo lalowo. Ngemva kwalokho abafowabo baxoxa laye. **16** Kwathi ukuba izindaba zifike esigodlweni sikaFaro ukuthi abafowabo bakaJosefa babefikile, uFaro lezikhulu zakhe bathokoza. **17** UFaro wathi, kuJosefa, “Tshela abafowenu uthi, ‘Yenzani lokhu: Thwalisani izinyamazana zenu libuyele elizweni laseKhenani, **18** beselibuya loyihlo kanye lemizi yenu kimi. Ngizalipha

umhlaba omuhle kakhulu lapha eGibhithe, likholise amanono elizwe.’ 19 Uyalaywa njalo ukuthi ubatshela uthi, ‘Yenzani lokhu: Thathani izinqola ezithile lapha eGibhithe lisenzela abantwabenu, labomkeni, lithathe uyihlo lize laye. 20 Lingazihluphi ngempahla zenu ngoba okuhle konke kwaseGibhithe kuzakuba ngokwenu.’” 21 Ngakho amadodana ka-Israyeli akwenza lokhu. UJosefa wabapha izinqola, njengokulaya kukaFaro, wabuye wabapha umphako wendlela. 22 Ngulowo lalowo wamupha izigqoko ezintsha, kodwa uBhenjamini wamupha amashekeli esiliva angamakhulu amathathu kanye lezigqoko ezinhlanu. 23 Njalo nanku akuphathisela uyise: obabhemi abalitshumi bethwele konke okuhle kwaseGibhithe, labobabhemi abasikazi abalitshumi bebhensiswa ngamabele lesinkwa lokunye okomphako wakhe wendlela. 24 Wasevalelisa abafowabo, bathi sebesuka wathi kubo, “Lingaxabani endleleni!” 25 Ngakho basuka baphuma eGibhithe bayafika kuyise uJakhobe elizweni laseKhenani. 26 Bamtshela bathi, “UJosefa ulokhu ephila! Isibili ungumbusi walo lonke elaseGibhithe.” UJakhobe waphela amandla; kazange abakholwe. 27 Kodwa kwathi lapho sebemtshelile konke uJosefa ayekutshilo kubo, njalo esebone izinqola uJosefa ayethe zizomthwala zimlethe, umoya kayise, uJakhobe wavuseleleka. 28 U-Israyeli wathi, “Sengisuthisekile! Indodana yami uJosefa isaphila. Ngizahamba ngiyeyibona ngingakafi.”

**46** Ngakho u-Israyeli wasesuka kanye lakho konke okwakungokwakhe, wathi ngokufika eBherishebha wenza umhlathelo kuNkulunkulu kayise u-Isaka.

2 UNkulunkulu wakhuluma ku-Israyeli ngombono ebusuku wathi, “Jakhobe! Jakhobe!” Waphendula wathi, “Ngilapha.” 3 Wathi, “NginguNkulunkulu, uNkulunkulu kayihlo. Ungesabi ukwehlela eGibhithe, ngoba ngizakwenza ube yisizwe esikhulu khonale. 4 Mina ngizahamba lawe khonale eGibhithe, njalo ngiqinisile, ngizaphinde ngikubuyise. Isandla sikaJosefa ngokwaso sizakugoqa.” 5 UJakhobe wasesuka eBherishebha, kwathi amadodana ka-Israyeli amthatha uyise uJakhobe, labantwababo kanye labomkabo babafaka ezinqoleni uFaro ayezithumele ukubathwala ngazo. 6 Bathatha njalo lezifuyo zabo kanye layo yonke impahla yabo ababeyiqoqile eKhenani, uJakhobe losendo lwakhe lonke baya eGibhithe. 7 Wathatha amadodana akhe, labazukulu bakhe, lamadodakazi akhe lamadodakazi awo, sonke isizukulwane sakhe, waya eGibhithe. 8 La ngamabizo amadodana ka-Israyeli (uJakhobe labazukulu bakhe) abahambayo eGibhithe: uRubheni izibulo likaJakhobe. 9 Amadodana kaRubheni ayeyila: uHanokhi, uPhalu, uHezironi, kanye loKhami. 10 Amadodana kaSimiyoni ayeyila: uJemuyeli, uJamini, u-Ohadi, uJakhini, uZohari kanye loShawuli indodana yomfazi ongumKhenani. 11 Amadodana kaLevi ayeyila: uGeshoni, uKhohathi kanye loMerari. 12 Amadodana kaJuda ayeyila: u-Eri, u-Onani, uShela, uPherezi kanye loZera (kodwa u-Eri lo-Onani babefele elizweni laseKhenani). Amadodana kaPherezi ayeyila: uHezironi loHamuli. 13 Amadodana ka-Isakhari ayeyila: uThola, uPhuwa, uJashubi kanye loShimroni. 14 Amadodana kaZebhuluni ayeyila: uSeredi, u-Eloni

kanye loJahileli. **15** La ayengamadodana uLeya awazalela uJakhobe ePhadani Aramu, ngaphandle kwendodakazi yakhe uDina. Amadodana la lamadodakazi akhe babengamatshumi amathathu sebebonke. **16** Amadodana kaGadi ayeyila: uZifyoni, uHagi, uShuni, u-Ezibhoni, u-Eri, u-Arodi kanye lo-Areli. **17** Amadodana ka-Asheri ayeyila: u-Imna, u-Ishiva, u-Ishivi loBheriya. Udadewabo wayenguSera. Amadodana kaBheriya ayeyila: uHebheri loMalikhiyeli. **18** Laba ngabantwana abazalelwa uJakhobe nguZilipha, uLabhani ayemuphe indodakazi yakhe uLeya, belitshumi lesithupha sebebonke. **19** Amadodana omkaJakhobe uRasheli ayeyila: uJosefa loBhenjamini. **20** EGibhithe uJosefa wazala uManase lo-Efrayimi ku-Asenathi indodakazi kaPhothifera, umphristi ka-Oni. **21** Amadodana kaBhenjamini ayeyila: uBhela, uBhekheri, u-Ashibheli, uGera, uNamani, u-Ehi, uRoshi, uMuphimu, uHuphimu kanye lo-Adi. **22** La ayengamadodana kaRasheli awazalela uJakhobe, elitshumi lane esewonke. **23** Indodana kaDani: yayinguHushimu. **24** Amadodana kaNafithali ayeyila: uJaziyeli, uGuni, uJezeri kanye loShilemu. **25** La ayengamadodana kaJakhobe awazala loBhiliha, uLabhani ayemuphe indodakazi yakhe uRasheli, beyisikhombisa bebonke. **26** Bonke labo abaya eGibhithe loJakhobe, ababeyinzalo yegazi lakhe, kungabalwa omalukazana bakhe, kwakungabantu abangamatshumi ayisithupha lesithupha. **27** Sekubalwa lamadodana amabili azalwa nguJosefa eGibhithe, abendlu kaJakhobe abaya eGibhithe babengamatshumi ayisikhombisa sebebonke. **28** UJakhobe wasethuma uJuda phambi kwakhe kuJosefa ukuba

amlayele indlela eya eGosheni. Bathi sebefikile emangweni waseGosheni, **29** uJosefa walungiselwa inqola yakhe waqonda eGosheni ukuyahlangana loyise u-Israyeli. UJosefa wonela ukumbona nje, wamgona uyise, wakhala okwesikhathi eside. **30** U-Israyeli wathi kuJosefa, “Manje sengikulungele ukufa, ngoba sengizibonele mina ngokwami ukuthi usaphila.” **31** UJosefa wasesithi kubafowabo lakubo bonke abomuzi kayise, “Ngizahamba ngiyekhuluma loFaro ngithi kuye, ‘Abafowethu kanye labendlu kababa ababehlala elizweni laseKhenani sebebuyile kimi. **32** Amadoda la angabelusi; belusa izifuyo, ngakho beze lemihlambi yabo yezimvu leyenkomo lakho konke abalakho.’ **33** Nxa uFaro angalibiza alibuze athi, ‘Umsebenzi wenu ngowani?’ **34** libophendula lithi, ‘Izinceku zakho zingabelusi bezifuyo kusukela ebutsheni bethu kuze kube khathesi, njengabokhokho bethu.’ Lapho ke lizavunyelwa ukwakha emangweni waseGosheni, ngoba bonke abelusi bayeyiseka kumaGibhithe.”

**47** UJosefa wahamba wayatshela uFaro wathi, “Ubaba labafowethu, kanye lemihlambi yabo yezimvu lenkomo, kanye lakho konke abalakho sebefikile bevela elizweni laseKhenani, okwamanje sebeseGosheni.” **2** Wakhetha abafowabo abahlanu wabethula kuFaro. **3** UFaro wababuza abafowabo laba wathi, “Umsebenzi wenu ngowani na?” Baphendula uFaro bathi, “Izinceku zakho zingabelusi, njengalokho ababeyikho okhokho bethu.” **4** Babuya bathi kuye, “Size ukuzohlala lapha okwesikhathi esithile, ngoba indlala inkulu kakhulu eKhenani, njalo lemihlambi yezinceku zakho kayilamadlelo. Manje-ke

sicela ukuthi uvumele izinceku zakho zakhe eGosheni.”  
**5** UFaro wathi kuJosefa, “Uyihlo labafowenu beze kuwe, **6** lelizwe laseGibhithe uyalibona; hlalisa uyihlo labafowenu endaweni enhle kakhulu yelizwe. Wothi bahlale eGosheni. Njalo nxa bekhona abanye babo abalolwazi oluqakathekileyo, kabakhangele imihlambi yami.” **7** Ngakho uJosefa waseletha uyise uJakhobe wamethula kuFaro. UJakhobe esembusile uFaro, **8** uFaro wambuza wathi, “Usumdala kangakanani na?” **9** UJakhobe wathi kuFaro, “Iminyaka yokuhamba kwami ilikhulu lamatshumi amathathu. Iminyaka yami ibimilutshwana njalo ibinzima, njalo kayifiki iminyaka yokuhamba kwabokhokho bami.” **10** UJakhobe wasembusisa uFaro, uFaro wasesuka kuye. **11** Ngakho uJosefa wasehlalisa uyise labafowabo eGibhithe, wabapha indawo enhle kulazo zonke elizweni, esiqintini saseRamesesi, njengokulaya kukaFaro. **12** UJosefa waphinda wapha uyise labafowabo kanye lendlu yonke kayise ukudla, kusiya ngobunengi babantwababo. **13** Kwakungelakudla elizweni lonke ngoba indlala yayibhahile; iGibhithe leKhenani womabili amazwe esevuthuzekile ngenxa yendlala. **14** UJosefa wayiqoqa yonke imali eyayitholakala eGibhithe laseKhenani eyayingeyokuthenga amabele, wayiletha esigodlweni sikaFaro. **15** Kwathi imali yabantu baseGibhithe labaseKhenani isiphelile, abaseGibhithe bonke beza kuJosefa bathi, “Siphe ukudla. Singafelani kambe phambi kwamehlo akho? Imali yethu isiphelile.” **16** UJosefa wathi, “Lethani izifuyo zenu. Ngizalithengisela ukudla libhadale ngezifuyo zenu, njengoba imali yenu

isiphelile.” **17** Ngakho basebeletha izifuyo zabo kuJosefa, wabapha ukudla bebhadala ngamabhiza abo, lezimvu kanye lembuzi zabo, lenkomo kanye labobabhemi babo. Wabaphutshisa lowomnyaka ngokudla bekubhadala ngezifuyo zabo. **18** Lowomnyaka usuphelile, beza kuye ngomnyaka olandelayo bathi, “Ngeke sayifihlela inkosi yethu ukuthi njengoba imali yethu isiphelile, ikanti lezifuyo zethu ngezakho, kakusekho okusayisalele inkosi yethu ngaphandle kwemizimba yethu leziqinti zethu kuphela. **19** Kambe sesingaze sife nje usikhangele, thina kanye lelizwe lethu lalo? Sithenge kanye lelizwe lethu usiphe ukudla, kuzakuthi thina kanye lelizwe lethu sibe sebugqilini kuFaro. Siphe inhlanyelo ukuze siphile, singafi, njalo ukuze ilizwe lingabi yinkangala.” **20** Ngakho-ke uJosefa waselithengela uFaro lonke ilizwe laseGibhithe. AmaGibhithe wonke athengisa amasimu awo ngoba indlala yayisiwabhahele okubi. Ilizwe laselisiba ngelikaFaro, **21** uJosefa wasebagqilaza abantu, kusukela ngapha kwelizwe laseGibhithe kusiya ngale kwalo. **22** Kodwa kayithenganga indawo yabaphristi, ngoba babephiwa isabelo nguFaro, yikho babelakho ukudla okwaneleyo kusuka kuFaro. Yikho bengawuthengisanga owabo umhlaba. **23** UJosefa wathi ebantwini, “Njengoba sengilithengile lina lomhlaba wenu lamuhla ukuba libe ngabakaFaro, nansi inhlanyelo ukuze lihlanyele emhlabathini. **24** Kodwa nxa amabele eseqoqwa phanini okobuhlanu bawo kuFaro. Ezinye izingxenye ezine kwezinhlanu lizigcinele inhlanyelo yamasimu njalo kube yikudla kwenu, lemizi yenu kanye labantwabenu.” **25**

Bathi, “Uzisindisile impilo zethu. Sengathi singathola umusa enkosini yethu; sizakuba yizigqili kuFaro.”

**26** Kunjalo uJosefa wakumisa kwaba ngumthetho eGibhithe mayelana lomhlaba, okulokhu kulandelwa lalamuhla, ukuthi ingxenye eyodwa kokuhlanu ngekaFaro. Kwakungumhlaba wabaphristi kuphela ongazange ube ngokaFaro. **27** Ngalesosikhathi abako-Israyeli bazinza eGibhithe esigodini saseGosheni. Bazuza izifuyo ezinengi khona njalo bazalana kakhulu banda ngobunengi. **28** UJakhobe wahlala eGibhithe okweminyaka elitshumi lesikhombisa, iminyaka yokuphila kwakhe yaba likhulu lamatshumi amane lesikhombisa. **29** Kwathi isikhathi sesisondele ukuba u-Israyeli afe, wabiza indodana yakhe uJosefa wathi kuyo, “Uba ngifumene umusa kuwe, beka isandla sakho ngaphansi kwethangazi lami uthembise ukuthi uzangenzela umusa lokuthembeka. Ungangingcwabi eGibhithe, **30** kodwa nxa sengiphumule labokhokho bami, ungithwale ngisuke eGibhithe uyongimbela lapho abalele khona.” Wathi, “Ngizakwenza njengoba usitsho.” **31** Wathi, “Funga kimi.” Ngakho uJosefa wafunga kuye, u-Israyeli wasekhothamela emakhanda ombheda wakhe.

**48** Emva kwesikhatshana uJosefa wabikelwa ukuthi, “Uyihlo uyagula.” Ngakho wathatha amadodana akhe womabili, uManase lo-Efrayimi wahamba lawo. **2** UJakhobe esetsheliwe kwathiwa, “Indodana yakho uJosefa isifikile kuwe,” u-Israyeli wazibamba ngamandla wavuka embhedeni. **3** UJakhobe wathi kuJosefa, “UNkulunkulu uSomandla wabonakala kimi eLuzi elizweni



laseKhenani, khonapho wangibusisa. **4** Wathi kimi, 'Ngizakwenza ube lenzalo enengi kakhulu. Ngizalenza libe yisizwe sabantu, njalo ngizakupha izizukulwane zakho lelizwe libe yilifa lazo elingapheliyo ngemva kwakho.' **5** Zwana-ke, amadodana akho amabili owawazalela eGibhithe ngingakabuyi lapha kuwe azathathwa njengawami; u-Efrayimi loManase bazakuba ngabami, kanjengoba uRubheni loSimiyoni bengabami. **6** Labobantwana abazelwe ngemva kwabo bazakuba ngabakho; kulesosigodi esizakuba yilifa labo bazabhaliswa ngaphansi kwamabizo abanewabo. **7** Ngathi ngibuya ngivela ePhadani, ngehlelwa lusizi ngafelwa nguRasheli elizweni laseKhenani silokhu sisendleleni, bucwadlana kwe-Efrathi. Ngamngcwaba khonapho eceleni kwendlela eya e-Efrathi" (kutsho eBhethilehema). **8** U-Israyeli wathi ngokubona amadodana kaJosefa wabuza wathi, "Ngobani laba?" **9** UJosefa wathi kuyise, "Ngamadodana uNkulunkulu anginike wona lapha." U-Israyeli wasesithi, "Balethe kimi ukuze ngibabusise." **10** Ngalesosikhathi amehlo ka-Israyeli ayeseziphala ngenxa yokuluphala, engasabonisisi. Ngakho uJosefa wasondeza amadodana akhe kuye, uyise wawanga wawagona. **11** U-Israyeli wathi kuJosefa, "Ngangingathembi ukuthi ngizaphinda ngibubone ubuso bakho njalo, ikanti manje uNkulunkulu usengivumele ukubona labantwabakho labo." **12** UJosefa wasebasusa emadolweni ka-Israyeli wakhothamela phansi ngobuso. **13** UJosefa wasebathatha bobabili, u-Efrayimi kwesokunene sakhe eqondane lesokhohlo sika-Israyeli, kwathi uManase waba ngakwesokhohlo waqondana

sonke sibakhangele. **28** UMosi wamhlabu u-Aroni izembatho zakhe wazigqokisa indodana yakhe u-Eliyazari. Ngakho u-Aroni wafela khonapho phezu kwentaba. Ngemva kwalokhu uMosi lo-Eliyazari behla entabeni, **29** Kwathi abantu bonke sebezile ukuthi u-Aroni wayesefile, yonke indlu ka-Israyeli yamlilela okwensuku ezingamatshumi amathathu.

**21** Kwathi inkosi yase-Arudi engumKhenani eyayihlala eNegebi isizwa ukuthi abako-Israyeli babesiza behamba ngomgwaqo beqonde e-Atharimi, yabahlasela abako-Israyeli yaze yathumba abanye babo. **2** Ngakho u-Israyeli wenza lesisifungo kuThixo wathi: “Nxa unganikela lababantu ezandleni zethu, sizachithiza amadolobho abo nya.” **3** UThixo walalela ukuncenga kwabako-Israyeli wasenikela amaKhenani kubo. Abako-Israyeli bawaqothula amaKhenani bachithiza kanye lamadolobho awo; ngakho indawo leyo yabizwa ngokuthi yiHoma. **4** Bahamba besuka entabeni yaseHori ngendlela eqonda oLwandle oluBomvu, ukuze baceze ilizwe lase-Edomi. Kodwa besendleleni abantu basebenengekile sebephelelwe yikubekezela; **5** bakhuluma kubi besola uNkulunkulu kanye loMosi, bathi, “Lasikhuphelani na eGibhithe ukuze sizifela enkangala? Akulasinkwa! Akulamanzi! Futhi lalokhu ukudla kwenu okubi siyakuzonda.” **6** Ngakho uThixo wasebathumela izinyoka ezazilobuhlungu obesabekayo kakhulu, zabaluma abantu bako-Israyeli abanengi bafa. **7** Abantu baya kuMosi bathi, “Sonile ngokukhuluma kwethu kubi ngoThixo langokukhuluma kwethu ngawe. Akukhuleke ukuthi

uThixo asuse izinyoka lezi phakathi kwethu.” Ngakho wabakhulekela abantu. **8** UThixo wathi kuMosi, “Yenza inyoka yethusi uyiphanyeke esigodweni; loba ngubani olunyiweyo angakhangela kuyo uzaphila.” **9** Ngakho uMosi wenza inyoka yethusi wayiphanyeka esigodweni. Kwakusithi lowo olunywe yinyoka angakhangela inyoka yethusi aphile. **10** Abako-Israyeli basuka baqhubeka baze bayamisa izihonqo zabo e-Obhothi. **11** Basuka njalo e-Obhothi bayamisa izihonqo zabo e-Iye-Abharimi, enkangala eyayimalungana leMowabi ngokuya ngempumalanga. **12** Besuka lapho baqhubeka ngohambo baze bayamisa izihonqo zabo esigodini saseZeredi. **13** Basuka lapho bayamisa izihonqo zabo eduze le-Arinoni esenkangala eqhelela elizweni lama-Amori. I-Arinoni isemngceleni welaseMowabi, phakathi laphakathi kweMowabi kanye lama-Amori. **14** Kungakho uGwalo lweziMpi zikaThixo lusithi: “Lokho akwenza oLwandle oLubomvu lakwenza emifuleni yeWahebhi eseSufa lemifuleni yase-Arinoni **15** lamawa ezindonga ehlela endaweni yase-Ari lasekela umngcele weMowabi.” **16** Besuka lapho baqhubeka baze bayafika eBheri, emthonjeni lapho uThixo athi kuMosi, “Buthanisa abantu ngibanike amanzi.” **17** Ngakho abako-Israyeli bahlabela ingoma le ethi: “Mpompoza, wemthombo! Hlabelelani ngawo, **18** ngomthombo owenjiwa ngamakhosana, owenjiwa yizikhulu zabantu, izikhulu ezilentonga zobukhosi kanye lezinduku.” Basuka-ke enkangala bayafika eMathana, **19** besuka eMathana baya eNahaliyeli, besuka eNahaliyeli, baya eBhamothi, **20** kwathi besuka

eBhamothi baqonda esigodini eMowabi, lapho isiqongo sentaba yasePhisiga esikhangele elizweni elilugwadule. **21** U-Israyeli wathumela izithunywa kuSihoni inkosi yama-Amori wathi: **22** “Sivumele sidabule elizweni lakho. Kasiyikuphambukela loba lakuliphi icele ukuze singene loba kuwaphi amasimu akho kumbe isivini, loba ukunatha amanzi emthonjeni loba yiwuphi. Sizazihambela nje ngomgwaqo omkhulu weNkosi size sedlule elizweni lakho.” **23** Kodwa uSihoni kavumanga ukuthi u-Israyeli adabule elizweni lakhe. USihoni waqoqa ibutho lakhe waphuma waqonda enkangala ukuyahlasela u-Israyeli. Wathi esefikile eJahazi walwa lo-Israyeli. **24** Kodwa u-Israyeli wamnqoba ngenkemba, wambhubhisa njalo wamthathela ilizwe lakhe kusukela e-Arinoni kusiya eJabhoki, kusiyafika elizweni lama-Amoni kuphela, ngoba umngcele walo wawuvikelwe ngemithangala. **25** U-Israyeli wathatha wonke amadolobho ama-Amori wahlala kuwo, kwakugoqela iHeshibhoni kanye leziqinti ezaziyigombolozele. **26** IHeshibhoni kwakulidolobho likaSihoni inkosi yama-Amori, owayelwe lenkosi yamaMowabi eyayikade ibusa khona wayinqoba wayithathela ilizwe layo lonke kuze kuyefika e-Arinoni. **27** Yingakho izimbongi zisithi: “Wozani eHeshibhoni; kayivuselelwe yakhiwe njalo; akuthi idolobho likaSihoni livuselelwe. **28** Umlilo wavutha eHeshibhoni ilangabi lavela edolobheni likaSihoni. Laqothula i-Ari laseMowabi, abantu basemiqolweni yase-Arinoni. **29** Maye kuwe, Mowabi! Selibhujisiwe lina, Oh bantu baseKhemoshi! Usedele amadodana akhe

njengeziphepheli lamadodakazi njengabathunjiweyo bethunjwa nguSihoni inkosi yama-Amori. **30** Kodwa thina sibehlule; iHeshibhoni siyitshabalalisile kuze kuyefika eDibhoni. Sibachithile kwaze kwaba seNofa, eqhelela eMedebha.” **31** Ngakho u-Israyeli wahlala elizweni lama-Amori. **32** Ngemva kokuba uMosi esethumele inhloli eJazeri, abako-Israyeli bathumba iziqinti eziseduze njalo baxotsha ama-Amori ayehlala khona. **33** Basebephenduka bahamba ngomgwaqo oya eBhashani. U-Ogi inkosi yaseBhashani kanye lebutso lakhe lonke baphuma ukuyahlangana labako-Israyeli ukubahlasela e-Edreyi. **34** UThixo wathi kuMosi, “Ungamesabi, ngoba sengimnikele kuwe lamabutho akhe wonke kanye lelizwe lakhe. Menze konke owakwenza kuSihoni inkosi yama-Amori, owayebusa eHeshibhoni.” **35** Ngakho bambulala ndawonye lamadodana akhe kanye lebutso lakhe lonke, kakho loyedwa owaphephayo. Basebethatha ilizwe lakhe.

**22** Abako-Israyeli basuka lapho baya emagcekeni aseMowabi bamisa izihonqo zabo zisekele umfula iJodani ngaphetsheya kweJerikho. **2** UBhalaki indodana kaZiphori wabona konke okwenziwa ngu-Israyeli kuma-Amori, **3** ngakho uMowabi wesaba ngoba abantu bako-Israyeli babebanengi kakhulu. Ngempela uMowabi watshaywa luvalo ngenxa yokwesaba abako-Israyeli. **4** AmaMowabi athi ebadaleni bamaMidiyani, “Ixuku leli lizahuquluza konke esilakho, njengenkabi isidla utshani emadlelweni.” Ngakho uBhalaki indodana kaZiphori, owayeyinkosi yamaMowabi ngalesosikhathi, **5** wathumela izithunywa ukuyabiza uBhalamu indodana kaBheperi, owayehlala

ePhethori eduzane lomfula iYufrathe elizweni lakibo lomdabuko. UBhalaki wathi, “Kulabantu abanengi kakhulu abavela eGibhithe; bagcwele ilizwe lonke njalo bahlezi eduze kwami. **6** Woza khathesi uzeletha isithuko phezu kwabo, ngoba balamandla kulami. Mhlawumbe ngalokho ngingabehlula ngibaxotshe elizweni. Ngoba ngiyazi ukuthi labo obabusiyo bayabusiwe, njalo labo obaqalekisiyo bayaqalekiswa.” **7** Abadala bamaMowabi labamaMidiyani basuka, bathatha imbadalo yokuhlhlula. Bathe befika kuBhalamu, bamtshele lokho okwatshiwo nguBhalaki. **8** “Lalani lapha okwalamuhla,” watsho uBhalamu kubo, “Ngizalilethela impendulo engizayiphiwa nguThixo.” Ngakho amakhosana amaMowabi ahlala laye. **9** UNkulunkulu weza kuBhalamu wambuza wathi, “Amadoda la olawo ngobani?” **10** UBhalamu wathi kuNkulunkulu, “UBhalaki indodana kaZiphori inkosi yamaMowabi ungithumele lelizwi elithi: **11** ‘Kulabantu abavele eGibhithe abagcwele elizweni lonke. Woza masinyane uzongiqalekiselana lababantu. Mhlawumbe ngingaba lakho ukubalwisa ngibaxotshe lapha.’” **12** Kodwa uNkulunkulu wathi kuBhalamu, “Ungahambi labo. Ungabaqalekisi lababantu, ngoba babusisiwe.” **13** Ekuseni ngosuku olulandelayo uBhalamu wavuka esithi kumakhosana kaBhalaki, “Buyelani ezweni lenu, ngoba uThixo walile ukuthi ngihambe lani.” **14** Ngakho amakhosana amaMowabi abuyela kuBhalaki athi, “UBhalamu walile ukubuya lathi.” **15** Ngakho uBhalaki wathumela amanye amakhosana amanengi njalo adumileyo kulawakuqala. **16** Eza kuBhalamu afika athi: “Nanku okutshiwo nguBhalaki

indodana kaZiphori: Akungabi lalutho olungakuvimbela ukuza kimi, **17** ngoba ngizakunika umvuzo omuhle njalo ngenze konke okutshoyo. Woza uzongiqaqalekise lababantu.” **18** Kodwa uBhalamu wabaphendula wathi, “Loba uBhalaki enganginika isigodlo sakhe sigcwele isiliva legolide, angingeke ngenze ulutho olukhulu loba oluncane oluphambene lelizwi likaThixo uNkulunkulu wami. **19** Khathesi hlalani lapha okwalobubusuku njengalokhu okwenziwe ngabanye, mina ngizadingisisa ukuthi kuyini okunye uThixo azangitshela khona.” **20** Ngalobobusuku uNkulunkulu weza kuBhalamu wathi, “Njengoba ethunywe ukuzakubiza, hamba lawo, kodwa wenze lokho kuphela engizakutshela khona.” **21** UBhalamu wavuka ekuseni, wagada ubabhemi wakhe wahle wahamba lamakhosana amaMowabi. **22** Kodwa uNkulunkulu wathukuthela kakhulu ngokuhamba kwakhe, ngakho ingilosi kaThixo yajama phambi kwakhe yamvimbela. UBhalamu wayegade ubabhemi wakhe elezinceku zakhe ezimbili. **23** Kwathi ubabhemi ebona ingilosi kaThixo imi endleleni iphethe inkemba esandleni sayo, waphambuka endleleni waqonda iganga. UBhalamu wamtshaya ubabhemi embuyisela endleleni. **24** Ngakho ingilosi kaThixo yayakuma emkhandlwini phakathi kwezivini ezimbili, kulemiduli inxa zonke. **25** Kwathi ubabhemi ebona ingilosi kaThixo, ubabhemi wasondela emdulini, ehluzulela unyawo lukaBhalamu emdulini. Ngalokho wamtshaya njalo ubabhemi. **26** Ngakho ingilosi kaThixo yaya phambili yema emkhandlwini onciphileyo lapho okwakungelandlela yokuphendukela kwesokudla loba

esenxele. **27** Kwathi ubabhemi ebona ingilosi kaThixo, ubabhemi walala phansi, uBhalamu wathukuthela kakhulu wamtshaya ubabhemi ngentonga yakhe. **28** Ngalokho uThixo wavula umlomo kababhemi, wathi kuBhalamu, “Kanti ngenzeni na kuwe uze ungitshaye okwamahlandla amathathu?” **29** UBhalamu waphendula ubabhemi wathi, “Ungenze isiwula! Ngabe bengilenkemba esandleni sami bengizakubulala khathesi.” **30** Ubabhemi wathi kuBhalamu, “Kanti kangisubabhemi wakho na ovele uhlezi umgada insuku zonke kuze kube namhlanje? Kambe ngiyake ngikwenze lokhu kuwe na?” UBhalamu waphendula wathi, “Hatshi.” **31** Ngakho uThixo wavula amehlo kaBhalamu, wabona ingilosi kaThixo imi endleleni iqaphise inkemba. Ngakho wakhothama wawa phansi ngobuso. **32** Ingilosi kaThixo yambuza yathi, “Kungani utshaye ubabhemi wakho okwamahlandla amathathu na? Ngize lapha ukukuvimbela ngoba indlela yakho iyibutshapha phambi kwami. **33** Ubabhemi ungibonile waphambuka okwamahlandla amathathu. Alubana kaphambukanga, ngabe khathesi sengikubulele wena, ngayekela ubabhemi.” **34** UBhalamu wathi engilosini kaThixo, “Ngonile. Angizange nginanzelele ukuthi umi endleleni ukungivimbela. Nxa kungakuthokozisi khathesi, ngizabuyela emuva.” **35** Ingilosi kaThixo yathi kuBhalamu, “Hamba lawo lamadoda, kodwa ukhulume lokho engikutshela khona kuphela.” Ngakho uBhalamu wahamba lamakhosana kaBhalaki. **36** Kwathi uBhalaki esizwa ukuthi uBhalamu uyeza, waphuma ukumhlangabeza edolobheni lamaMowabi

emngceleni wase-Arinoni emaphethelweni elizwe lakhe. **37** UBhalaki wathi kuBhalamu, “Angikuthumelanga ilizwi lokuphangisa na? Kungani ungezanga kimi? Kambe kangenelisi ukukupha umvuzo na?” **38** UBhalamu waphendula wathi, “Yebo, sengifikile kuwe khathesi. Kodwa angiyikukhuluma loba yini engiyifunayo. Ngizakhuluma lokho uNkulunkulu azakubeka emlonyeni wami kuphela.” **39** Ngakho uBhalamu wahamba loBhalaki eKhiriyathi-Huzothi. **40** UBhalaki wenza umhlatsshelo wenkomo lezimvu, njalo ezinye wazipha uBhalamu ezinye wazipha amakhosana ayehamba lawo. **41** Ekuseni ngosuku olulandelayo uBhalaki wathatha uBhalamu waya eBhamothi-Bhali, kulapho abona khona izihonqo zabako-Israyeli.

**23** UBhalamu wathi, “Ngakhela ama-alithare ayisikhombisa lapha, ube usungilungisela inkunzi eziyisikhombisa kanye lenqama eziyisikhombisa.” **2** UBhalaki wenza njengokutshiwo nguBhalamu, kwathi bobabili babo banikela ngenkunzi langenqama eyodwa e-alithareni linye ngalinye. **3** Ngakho uBhalamu wasesithi kuBhalaki, “Hlala lapha eceleni lomnikelo wakho mina ngisaya eceleni. Mhlawumbe uThixo uzabuya azohlangana lami. Lokho azakuveza kimi ngizakutshela.” Wasesuka waya endaweni ephakemeyo eligceke. **4** UNkulunkulu wahlangana laye, njalo uBhalamu wathi, “Sengakhe ama-alithare ayisikhombisa njalo e-alithareni linye ngalinye nginikele ngenkunzi langenqama eyodwa.” **5** Ngakho uThixo watshela uBhalamu wathi, “Buyela kuBhalaki uyemupha umbiko lo.” **6** Ngakho



wabuyela kuBhalaki wamfica emi eceleni komnikelo wakhe, kanye lawo wonke amakhosana amaMowabi. 7 Ngakho uBhalamu wasesitsho umbiko wakhe: “UBhalaki ungilethe ngivela e-Aramu, inkosi yamaMowabi evela ezintabeni zasempumalanga. ‘Woza,’ watsho njalo, ‘ngiqalekise uJakhobe; woza, mchothoza u-Israyeli.’ 8 Ngingabaqalekisa njani labo abangaqalekiswa nguNkulunkulu? Ngingachothoza njani labo abangazange bachothozwe nguThixo? 9 Eziqongweni zamatshe ngiyababona, khonale phezulu bayangikhanyela. Ngibona abantu abahlezi ngokwehluka, njalo kabaziboni bengabalezizizwe. 10 Ngubani ongabala uthuli lukaJakhobe loba ingxenye yesine yabako-Israyeli na? Yekela ngife ukufa kwabalungileyo, njalo sengathi isiphetho sami singafana lesabo!” 11 UBhalaki wathi kuBhalamu, “Kuyini osungenzele khona na? Ngize lawe ukuze uqalekise izitha zami, kodwa akulalutho olwenzileyo ngaphandle kokuzibusisa!” 12 UBhalamu, waphendula wathi, “Ngingakukhulumi na engikutshelwe nguThixo?” 13 Ngakho uBhalaki wathi kuBhalamu, “Woza asiye kwenye indawo lapha ozababona khona; uzabona ingxenye kuphela kungeyisibo bonke. Khonapho-ke ungiqalekisele bona.” 14 Wasesuka laye waya emangweni waseZofimu phezu kwentaba iPhisiga, kulapho akha khona ama-alithare ayisikhombisa wanikela ngenkunzi langenqama e-alithareni linye ngalinye. 15 UBhalamu wathi kuBhalaki, “Hlala lapha eceleni komnikelo wakho mina ngisayahlangana laye ngale.” 16 UThixo wahlangana loBhalamu wamtshela

wathi, “Buyela kuBhalaki uyemnika umbiko lo.” **17** Wasebuyela kuBhalaki wamfica emi eceleni komnikelo wakhe, kanye lamakhosana amaMowabi. UBhalaki wambuza wathi, “Utheni uThixo?” **18** Wasesitsho umbiko wakhe: “Vuka, Bhalaki, njalo ulalele; zwana mina, ndodana kaZiphori. **19** UNkulunkulu kasumuntu, ukuthi angaqamba amanga, loba indodana yomuntu, yona eguquguqula ingqondo yayo. Kambe ukhuluma angenzi na? Uyathembisa angagcwalisi isithembiso na? **20** Ngamukele umlayo wokubusisa; usebusisile, njalo ngingeke ngikuguqule lokho. **21** Akulamabhadi ehlela kuJakhobe, akulasizi olubonakala ku-Israyeli. UThixo uNkulunkulu wabo ukanye labo; umkhosi weNkosi uphakathi kwabo. **22** UNkulunkulu wabakhipha eGibhithe; balamandla enyathi. **23** Akulamilingo engalinga uJakhobe, akulamasalamusi angamelana lo-Israyeli. Khathesi sekuzathiwa ngoJakhobe kanye lo-Israyeli, ‘Khangela okwenziwe nguNkulunkulu!’ **24** Abantu bayavuka njengesilwanekazi; badlwanguluka njengesilwane sona esingaphumuliyo size sitshwabadele inyamazana yaso njalo sinathe igazi layo.” **25** Ngakho uBhalaki wasesithi kuBhalamu, “Ungabaqalekisi, njalo ungababusisi!” **26** UBhalamu waphendula wathi, “Angikutshelanga na ukuthi ngenza engikutshelwe nguThixo?” **27** Ngakho uBhalaki wathi kuBhalamu, “Woza, kahle ngikuse kwenye indawo. Mhlawumbe kuzamthokozisa uNkulunkulu akuvumele ukuthi ungiqalekisele bona ukhonale.” **28** Ngakho uBhalaki wahamba loBhalamu baya phezu kwePheyori ekhangele

enkangala. **29** UBhalamu wathi, “Ngakhela ama-alithare ayisikhombisa khonapha, ungilungisele inkunzi eziyisikhombisa lenqama eziyisikhombisa.” **30** UBhalaki wenza lokho ayekutshelwe nguBhalamu, wanikela inkunzi eyodwa lenqama e-alithareni linye ngalinye.

**24** Kwathi uBhalamu esebonile ukuthi kuyamthokozisa uThixo ukubusisa u-Israyeli, kasadinganga njalo imilingo njengakuqala, kodwa waphenduka wakhangela enkangala. **2** Kwathi uBhalamu ekhangela wabona u-Israyeli emise izihonqo zakhe ngokwezizwe zakhe, uMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwakhe **3** wasesitsho isambulelo sakhe: “Isambulelo sikaBhalamu indodana kaBheyyori, isambulelo salowo omehlo akhe abonisisa kuhle, **4** isambulelo salowo ozwa amazwi kaNkulunkulu, lowo obona umbono ovela kuSomandla, lowo owela phansi ngokuzehlisa, njalo omehlo akhe avulekile: **5** Aze aba mahle amathente akho, Oh Jakhobe, izindawo zakho zokuhlala, Oh Israyeli! **6** Njengezigodi zisabalele, njengezivande zisekele umfula, sanhlaba ehlanyelwe nguThixo, njengezihlahla zomsedari ezingasemanzini. **7** Amanzi azageleza emigqonyeni yabo; inhlanyelo yabo ibe semanzini amanengi. Inkosi yabo izakuba nkulu kulo-Agagi; umbuso wabo uzakuba ngophakemeyo. **8** UNkulunkulu wabakhupha eGibhithe; balamandla anjengawenyathi. Bayazitshwabadela izizwe eziyizitha njalo bephule amathambo azo abe yizicucu; ngemitshoko yabo babacibe. **9** Njengesilwane bayaqutha bacathame phansi, njengesilwanekazi, ngubani olesibindi sokubavusa na? Akuthi labo abakubusisayo babusiswe njalo lalabo abakuqalekisayo baqalekiswe!” **10** Ngakho

uBhalaki wamthukuthelela kakhulu uBhalamu. Watshaya izandla zakhe wathi, “Ngikubizele ukuthi uzengiqalekisele izitha zami, kodwa wena usubabusise okwamahlandla la amathathu. **11** Wohle usuke nje khathesi ubuyele kini! Ngithe ngizakupha umvuzo omuhle kakhulu, phoke uThixo usekuvimbele ukwamukeliswa umvuzo.” **12** UBhalamu wamphendula uBhalaki wathi, “Kanti kangizitshelanga yini izithunywa zakho owazithuma kimi ukuthi, **13** ‘Loba uBhalaki enganginika isigodlo sakhe sigcwele isiliva legolide, akulalutho lolulodwa ebengizalwenza ngokwentando yami, okuhle kumbe okubi, okuphambene lomlayo kaThixo, kufanele ngitsho lokho kuphela uThixo akutshoyo na?’ **14** Khathesi sengibuyela ebantwini bakithi, kodwa woza, ngikuxwayise ukuthi kuyini okuzakwenziwa ngabantu laba ebantwini bakho ensukwini ezilandelayo.” **15** Ngakho uBhalamu wasesitsho isambulelo sakhe: “Isambulelo sikaBhalamu indodana kaBheperi, isambulelo salowo omehlo akhe abonisisa kuhle, **16** isambulelo salowo olalela ezwe amazwi kaNkulunkulu, ololwazi oluvela koPhezukonke, obona umbono ovela kuSomandla, owela phansi ngokuzehlisa, njalo omehlo akhe avulekile: **17** Ngiyambona, kodwa hatshi khathesi; ngiyambona, kodwa kungesikho eduze. Inkanyezi izaphuma ivela kuJakhobe; intonga yobukhosi izaphakama ivela ku-Israyeli. Uzacobodisa amabunzi kaMowabi, inkakhayi zamadodana wonke kaSethi. **18** I-Edomi izanqotshwa; uSeyiri, oyisitha sakhe, uzanqotshwa, kodwa u-Israyeli uzakhula abe lamandla. **19** Umbusi uzavela kuJakhobe njalo uzabhubhisa

abaseleyo balelodolobho.” 20 Ngakho uBhalamu wabona u-Amaleki wasesitsho isambulelo sakhe: “U-Amaleki wayengowokuqala ezizweni, kodwa ekucineni uzakuba lunxiwa.” 21 Ngakho wasebona amaKheni wasesitsho isambulelo sakhe njalo: “Indawo yakho yokuhlala ivikelekile, isidleke sakho sakhelwe edwaleni; 22 kanti-ke lina maKheni lizabhujiswa ekuthunjweni kwenu yi-Asiriya.” 23 Ngakho wasitsho isambulelo sakhe: “Kambe ngubani ongaphila nxa uNkulunkulu esenza lokhu na? 24 Imikhumbi izakuza ivela okhunjini lwaseKhithimi; bazayehlula u-Asiriya kanye le-Ebha, kodwa laba bazachithwa babe ngamanxiwa.” 25 Ngakho uBhalamu wasukuma wasebuyela kibo loBhalaki wahamba ngeyakhe indlela.

**25** Ngesikhathi u-Israyeli esehlala eShithima, amadoda aqala ukuhlobonga labafazi bamaMowabi, 2 bona abamema amadoda ako-Israyeli ukuba eze emihlatshelweni yabonkulunkulu babo. Abantu laba babesidla ukudla kwabonkulunkulu labo njalo bebakhothamele. 3 Ngakho u-Israyeli wahlanganyela ekukhonzeni uBhali wasePheyyori. Yikho uThixo wabathukuthelela kakhulu. 4 UThixo wathi kuMosi, “Thatha bonke abakhokheli balababantu, ubabulale njalo ubeke izidumbu zabo egcekeni emini libalele phambi kukaThixo, ukuze intukuthelo eyesabekayo kaThixo isuke ku-Israyeli.” 5 Ngakho uMosi wathi kubahluleli bako-Israyeli, “Kumele ukuthi munye ngamunye wenu abulale amadoda akini lawo asehlanganyela ekukhonzeni uBhali wasePheyyori.” 6 Kwathi indoda ethile yako-Israyeli

yaletsa umfazi woMidiyani emulini yayo khonapho phambi kukaMosi laphambi kwabako-Israyeli bonke ababebuthene bekhala esangweni lethente lokuhlangana. 7 Kwathi uFinehasi indodana ka-Eliyazari indodana ka-Aroni, umphristi, ekubona lokho, watshiya ababebuthene, 8 wathatha umkhonto wayilandela indoda leyo ethenteni. Wagadla ngomkhonto wabagwaza bobabili wayathutsha ngale kom'Israyeli wangena wayathutshela esiswini sowesifazane. Ngakho sasesiphela isifo esasesihlasele abako-Israyeli; 9 kodwa labo abasebefile ngenxa yesifo babezinkulungwane ezingamatshumi amabili lane. 10 UThixo wathi kuMosi, 11 “UFinehasi indodana ka-Eliyazari indodana ka-Aroni umphristi, uqedile ukuthukuthelela kwami abantu bako-Israyeli, ngoba wayetshisekela udumo lwami phakathi kwabo njengami, ukuze ngesihawu sami ngingabaqedi. 12 Ngalokho umtshele ukuthi sengisenza isivumelwano sokuthula laye. 13 Yena kanye lezizukulwane zakhe bazakuba lesivumelwano sobumphristi esimi kokuphela, ngoba utshisekelele udumo lukaNkulunkulu wakhe njalo wenzele abako-Israyeli indlela yokubuyisana.” 14 Ibizo lendoda yako-Israyeli eyabulawa kanye lowesifazane weMidiyani kwakunguZimri indodana kaSalu, umkhokheli wabemuli yamaSimiyoni. 15 Njalo ibizo lowesifazane woMidiyani owabulawayo lalinguKhozibhi indodakazi kaZuri, induna yesizwana semuli yamaMidiyani. 16 UThixo wathi kuMosi, 17 “Kumele liphathe amaMidiyani njengezitha njalo liwabalale, 18 ngoba aliphathe njengezitha alikhohlisa ngendaba

kaPhegori kanye lodadewabo uKhozibhi indodakazi yomkhokheli wamaMidiyani, owesifazane owabulawa ngesikhathi sokuhlasela kwesifo esabakhona ngenxa kaPhegori.”

**26** Ngemva kwesifo uThixo wathi kuMosi lo-Eliyazari indodana ka-Aroni, umphristi, **2** “Balani abantu bonke abako-Israyeli ngezimuli zabo bonke abaleminyaka esukela kwengamatshumi amabili yokuzalwa kusiya phezulu abangaba libutho lako-Israyeli.” **3** Ngakho uMosi lo-Eliyazari umphristi batshela abantu basemagcekeni aseMowabi eduze lomfula uJodani ngaphetsheya kweJerikho bathi kubo, **4** “Balani amadoda aleminyaka yokuzalwa esukela kwengamatshumi amabili kusiya phezulu, njengokulaywa kukaMosi nguThixo.” Laba ngabako-Israyeli abaphuma eGibhithe: **5** Izizukulwane zikaRubheni izibulo lika-Israyeli, kwakuyilezi: uHanokhi, wadabula abosendo lwamaHanokhi; uPhalu, wadabula abosendo lwamaPhalu; **6** uHezironi wadabula abosendo lwamaHezironi; uKhami wadabula abosendo lwamaKhami. **7** Laba babengabezinsendo zikaRubheni; inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi amane lantathu, lamakhulu ayisikhombisa alamatshumi amathathu. **8** Indodana kaPhalu kwakungu-Eliyabi, **9** njalo amadodana ka-Eliyabi kwakunguNemuweli, uDathani kanye lo-Abhiramu. Bona laba uDathani lo-Abhiramu yibo ababeyizikhulu zabantu abahlamukela uMosi lo-Aroni njalo babengabanye babalandeli bakaKhora ngesikhathi behlamukela uThixo. **10** Umhlaba wavuleka wabaginya kanye loKhora, kanye labalandeli

babo abafa beqothulwa ngumlilo bengamadoda  
 angamakhulu amabili alamatshumi amahlanu. Njalo baba  
 yisixwayiso. **11** Loba kunjalo, inzalo kaKhora  
 kayibhubhanga yonke, yaphela. **12** Izizukulwane  
 zikaSimiyoni ngokwensendo zazo kwakuyilezi:  
 uNemuweli wadabula abosendo lwamaNemuweli;  
 uJamini wadabula abosendo lwamaJamini; uJakhini  
 wadabula abosendo lwamaJakhini; **13** uZera wadabula  
 abosendo lwamaZera; uShawuli wadabula abosendo  
 lwamaShawuli. **14** Laba babengabezinsendo zikaSimiyoni;  
 inani labo lalingamadoda azinkulungwane  
 ezingamatshumi amabili lambili, lamakhulu amabili. **15**  
 Izizukulwane zikaGadi ngokwensendo zazo kwakuyilezi:  
 uZifoni wadabula abosendo lwamaZifoni; uHagi wadabula  
 abosendo lwamaHagi; uShuni wadabula abosendo  
 lwamaShuni; **16** u-Ozini wadabula abosendo lwama-Ozini;  
 u-Eri wadabula abosendo lwama-Eri; **17** u-Arodi wadabula  
 abosendo lwama-Arodi; u-Areli wadabula abosendo  
 lwama-Areli. **18** Laba bengabensendo zikaGadi; inani labo  
 lalizinkulungwane ezingamatshumi amane lamakhulu  
 amahlanu. **19** U-Eri lo-Onani babengamadodana kaJuda,  
 kodwa bafela eKhenani. **20** Izizukulwane zikaJuda  
 ngokwensendo zazo kwakuyilezi: uShela wadabula  
 abosendo lwakoShela; uPherezi wadabula abosendo  
 lwamaPherezi; uZera wadabula abosendo lwamaZera. **21**  
 Izizukulwane zikaPherezi kwakuyilezi: uHezironi  
 wadabula abosendo lwamaHezironi; uHamuli wadabula  
 abosendo lwamaHamuli. **22** Laba babezinsendo zikaJuda;  
 inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi



ayisikhombisa lesithupha, lamakhulu amahlanu. **23** Izizukulwane zika-Isakhari ngokwensendo zazo kwakuyilezi: uThola wadabula abosendo lwamaThola; uPhuwa wadabula abosendo lwamaPhuwa; **24** uJashubi wadabula abosendo lwamaJashubi; uShimroni wadabula abosendo lwamaShimroni. **25** Laba ngabensendo zika-Isakhari; inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi ayisithupha lane, lamakhulu amathathu. **26** Izizukulwane zikaZebhuluni ngokwensendo zazo kwakuyilezi: uSeredi wadabula abosendo lwamaSeredi; u-Eloni wadabula abosendo lwama-Eloni; uJaliyeli wadabula abosendo lwamaJahileli. **27** Laba ngabensendo zikaZebhuluni, inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi ayisithupha lamakhulu amahlanu. **28** Izizukulwane zikaJosefa ngokwensendo zabo bezalwa nguManase lo-Efrayimi kwakuyilezi: **29** Izizukulwane zikaManase ngokwensendo zazo kwakuyilezi: uMakhiri wadabula abosendo lwamaMakhiri (uMakhiri wayenguyise kaGiliyadi); uGiliyadi wadabula abosendo lwamaGiliyadi. **30** Laba yizizukulwane zikaGiliyadi: u-Iyezeri wadabula abosendo lwama-Iyezeri; uHelekhi wadabula abosendo lwamaHeleki; **31** u-Asiriyeli wadabula abosendo lwama-Asiriyeli; uShekhemu wadabula abosendo lwamaShekhemu; **32** uShemida wadabula abosendo lwamaShemida; uHeferi wadabula abosendo lwamaHeferi. **33** (UZelofehadi indodana kaHeferi wayengelamadodana; wayelamadodakazi wodwa, amabizo awo ayenguMahila, uNowa, uHogila, uMilikha kanye loThiza.) **34** Laba kwakungabensendo zikaManase;

inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi amahlanu lambili, lamakhulu ayisikhombisa. **35** Laba kwakuyizizukulwane zika-Efrayimi ngokwensendo zazo: uShuthela wadabula abosendo lwamaShuthela; uBhekheri wadabula abosendo lwamaBhekheri; uThahani wadabula abosendo lwamaThahani. **36** Laba kwakuyizizukulwane zikaShuthela: u-Erani wadabula abosendo lwama-Erani. **37** Laba kwakungabensendo zika-Efrayimi; inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi amathathu lambili, lamakhulu amahlanu. Laba kwakuyizizukulwane zikaJosefa ngokwensendo zazo. **38** Izizukulwane zikaBhenjamini ngokwensendo zazo kwakuyilezi: uBhela wadabula abosendo lwamaBhela; u-Ashibheli wadabula abosendo lwama-Ashibheli; u-Ahirami wadabula abosendo lwama-Ahirami; **39** uShufamu wadabula abosendo lwamaShufamu; uHufamu wadabula usendo lwamaHufamu **40** Izizukulwane zikaBhela ezazalwa ngu-Adi kanye loNamani yilezi: u-Adi wadabula abosendo lwama-Adithe; uNamani wadabula abosendo lwamaNamani. **41** Laba kwakungabensendo zikaBhenjamini; inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi amane lanhlanu, lamakhulu ayisithupha. **42** Laba babeyizizukulwane zikaDani ngokwensendo zazo: uShuhamu wadabula abosendo lwamaShuhamu. Laba babengabezinsendo zikaDani: **43** Bonke babengabosendo lwamaShuhamu; njalo inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi ayisithupha lane, lamakhulu amane. **44** Izizukulwane zika-Asheri ngokwensendo zazo kwakuyilezi: u-Imna

wadabula abosendo lwama-Imna; u-Ishivi wadabula abosendo lwama-Ishivi; uBheriya wadabula abosendo lwamaBheriya; **45** njalo izizukulwane ezadatshulwa nguBheriya yilezi: uHebheri wadabula abosendo lwamaHebheri; uMalikhiyeli wadabula abosendo lwamaMalikhiyeli. **46** (U-Asheri wayelendodakazi okwakuthiwa nguSera.) **47** Laba babengabezinsendo zika-Asheri; inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi amahlanu lantathu, lamakhulu amane. **48** Izizukulwane zikaNafithali ngokwensendo zazo kwakuyilezi: uJaziyeli wadabula abosendo lwamaJaziyeli; uGuni wadabula abosendo lwamaGuni; **49** uJezeri wadabula abosendo lwamaJezeri; uShilemu wadabula abosendo lwamaShilemu. **50** Laba babengabezinsendo zikaNafithali; inani labo lalizinkulungwane ezingamatshumi amane lanhlanu, lamakhulu amane. **51** Inani lamadoda wonke ako-Israyeli lalizinkulungwane ezingamakhulu ayisithupha lanye, lamakhulu ayisikhombisa alamatshumi amathathu. **52** UThixo wathi kuMosi, **53** “Ilizwe lizakwahlukaniselwa abantu njengelifa labo kusiya ngenani lamabizo abo. **54** Isizwe esikhulu uzasinika isabelo esikhulu, kuthi isizwana esincinyane usiphe isabelo esincane; isizwana ngasinye sizakwabelwa ilifa laso ngokuya ngenani lamabizo alabo ababhaliweyo. **55** Iba leqiniso lokuthi ilizwe labiwa ngenkatho. Isabelo seqembu ngalinye sizakuya ngamabizo esizwana sabokhokho baso. **56** Isabelo ngasinye selizwe sizakwehlukani swa ngokwenza inkatho phakathi kwezizwana ezinkulu lezincinyane.” **57** Laba ngabaLevi

ababalwa kulandelwa insendo zabo: uGeshoni wadabula abosendo lwamaGeshoni; uKhohathi wadabula abosendo lwamaKhohathi; uMerari wadabula abosendo lwamaMerari. **58** Laba labo babengabezinsendo zabaLevi: usendo lwamaLibhini, usendo lwamaHebhroni, usendo lwamaMahili, usendo lwamaMushi, usendo lwamaKhora. (UKhohathi wayengukhokho ka-Amramu; **59** inkosikazi ka-Amramu kwakunguJokhebhedi, oyisizukulwane sikaLevi, owayezalelwe eGibhithe ngabaLevi. Wazala lo-Amramu u-Aroni, loMosi kanye lodadewabo uMiryemu. **60** U-Aroni wayenguyise kaNadabi, u-Abhihu, u-Eliyazari kanye lo-Ithamari. **61** Kodwa uNadabi lo-Abhihu bafa baze banikele kuThixo ngomlilo ongavunyelwayo.) **62** Bonke abaLevi abesilisa ababalwayo kusukela kwabalenyanga eyodwa yokuzalwa kusiya phezulu babezinkulungwane ezingamatshumi amabili lantathu. Kababalwanga ndawonye labanye abako-Israyeli ngoba kabanikwanga isabelo esiyilifa phakathi kwabo. **63** Laba yibo ababalwa nguMosi lo-Eliyazari umphristi mhla bebala abako-Israyeli emagcekeni aseMowabi nganeno komfula iJodani malungana leJerikho. **64** Kwakungekho loyedwa phakathi kwabo owayekhona mhla uMosi lo-Aroni bebala abako-Israyeli enkangala yaseSinayi. **65** Ngoba uThixo wayetshilo kwabako-Israyeli labo ukuthi ngempela babezakufa enkangala, njalo kakho loyedwa wabo owasalayo ngaphandle kukaKhalebi indodana kaJefune loJoshuwa indodana kaNuni.

**27** Amadodakazi kaZelofehadi indodana kaHeferi, indodana kaGiliyadi, indodana kaMakhiri, indodana

kaManase babengabezinsendo zikaManase indodana kaJosefa. Amabizo alawomadodakazi ayenguMahila, uNowa, uHogila, uMilikha, loThiza. Aya 2 esangweni leThente lokuHlangana ema phambi kukaMosi loEliyazari umphristi, abakhokheli kanye lebandla lonke, athi, 3 “Ubaba wafela enkangala. Wayengekho phakathi kwabalandeli bakaKhora, bona ababambana ekuphikiseni kwabo uThixo, kodwa wafela isono sakhe njalo katshiyanga madodana. 4 Kungani ibizo likababa licitsha kwabosendo lwakhe ngokungabi lendodana na? Sipheni ilifa lethu lathi ezihlotsheni zikababa.” 5 Ngakho uMosi wethula indaba yawo phambi kukaThixo, 6 uThixo wathi kuye, 7 “Lokho okutshiwo ngamadodakazi kaZelofehadi kuqondile. Kufanele ubaphe isabelo sabo selifa ezihlotsheni zikayise njalo ubaphe ilifa likayise. 8 Tshono uthi kwabako-Israyeli, ‘Nxa indoda ife ingelandodana, ilifa layo kaliphiwe indodakazi yayo. 9 Nxa ingelandodakazi, ilifa layo kaliphiwe abafowabo. 10 Nxa ingelabafowabo ilifa layo kaliphiwe abafowabo bakayise. 11 Nxa uyise engelabafowabo, ilifa layo kaliphiwe oyisihlobo esiseduze kwabosendo lwayo, ukuze libe ngelakhe. Lokho kumele kube ngumthetho oyisimiso kwabako-Israyeli, njengokulaywa kukaMosi nguThixo.” 12 UThixo wasesithi kuMosi, “Khwela entabeni le yase-Abharimi ukuze ubone ilizwe engilinike abako-Israyeli. 13 Ngemva kokuba usulibonile, lawe uzalandela abakini, ufe njengomfowenu u-Aroni, 14 ngoba ekuhlamukeni kwabantu emanzini asenkangala yaseZini, lina lobabili kalilandelanga ukulaya kwami,

ukungidumisa ngobungcwele bami emehlweni abo.” (La ayengamanzi aseMeribha Khadeshi, enkangala yaseZini.)

**15** UMosi wathi kuThixo, **16** “Akuthi uThixo, uNkulunkulu wemimoya yabantu bonke akhethe indoda ezakhokhela abantu laba **17** ekuphumeni lasekungeneni, lowo ozabakhokhela ekuphumeni lekungeneni kwabo, ukuze abantu bakaThixo bangafanani lezimvu ezingelamelusi.”

**18** Ngakho uThixo wathi kuMosi, “Thatha uJoshuwa indodana kaNuni, indoda elomoya wobukhokheli, ubeke isandla sakho phezu kwayo. **19** Umise phambi kuka-Eliyazari umphristi laphambi kwebandla lonke ubusumbeka esikhundleni phambi kwabo. **20** Umnike ingxenye yamandla akho ukuze isizwe sonke sako-Israyeli simlalele. **21** Kumele ame phambi kuka-Eliyazari umphristi, yena ozamtholela izinqumo ngokubuza i-Urimi phambi kukaThixo. Ngokulawula kwakhe yena kanye labantu bonke bako-Israyeli bazaphuma, kuthi njalo ngokulawula kwakhe bangene.” **22** UMosi wenza njengokulaywa kwakhe nguThixo. Wathatha uJoshuwa wamisa phambi kuka-Eliyazari umphristi kanye laphambi kwebandla lonke. **23** Wasebeka izandla zakhe phezu kwakhe embeka esikhundleni, njengokulaya kukaThixo ngoMosi.

**28** UThixo wathi kuMosi, **2** “Phana abako-Israyeli umlayo lo uthi kubo, ‘Nanzelelani ukuthi lingilethele ngesikhathi esimisiweyo imihlatshelo yokudla, njengephunga elimnandi kimi.’ **3** Tshono uthi kubo: ‘Lo ngumnikelo owenziwe ngomlilo okumele liwuse kuThixo: amazinyane emvu amabili angelasici njalo alomnyaka owodwa ezelwe,

kube ngumnikelo wokutshiswa wansuku zonke. **4** Linikele izinyane lemvu elilodwa ekuseni beselinikela elinye kusihlwa, **5** ndawonye lomnikelo wamabele ayisilinganiso sokweshumi kwehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lengxenywe yesine yehini yamafutha ahluzwe emaliveni. **6** Lo ngumnikelo wokutshiswa wezikhathi zonke owamiswa entabeni yaseSinayi njengephunga elimnandi, umnikelo owenzelwa uThixo ngomlilo. **7** Umnikelo wokunathwayo ozakwenziwa ndawonye lengxenywe yesine yehini yokunathwayo okulemvubelo ndawonye lezinyane lemvu. Thela umnikelo wokunathwayo phambi kukaThixo endlini engcwele. **8** Unikele izinyane lesibili kusihlwa ndawonye lomnikelo wamabele ofanayo lomnikelo wokunathwayo ofana lalowo owunikele ekuseni. Lo ngumhlatshelelo wokudla, iphunga elimnandi kuThixo.” **9** “Ngosuku lweSabatha, ulungise umnikelo wamazinyane emvu amabili alomnyaka owodwa ezelwe engelasici, ndawonye lomnikelo wokunathwayo kanye lomnikelo wamabele ozingxenywe ezimbili zehefa etshumini zefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha. **10** Lo ngumnikelo wokutshiswa kuwo wonke amasabatha, phezu komnikelo wokutshiswa lowokunathwayo ojayekekileyo.” **11** “Ngosuku lwakuqala inyanga zonke, lethu kuThixo umnikelo wokutshiswa wenkunzi ezingamaguqa ezimbili, inqama eyodwa lamazinyane ezimvu amaduna alomnyaka ezelwe, angelasici. **12** Inkunzi eyodwa izahamba lomnikelo wamabele ozingxenywe ezintathu etshumini zehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha; inqama izahamba lomnikelo wamabele ayingxenywe ezimbili

etshumini zehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha; **13** izinyane lemvu ngalinye lizahamba lomnikelo wamabele oyingxenye eyodwa etshumini lehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha. Lokhu ngokomnikelo wokutshiswa, iphunga elimnandi, umnikelo owenzelwa uThixo ngomlilo. **14** Inkunzi nganye izahamba lomnikelo wokunathwayo okuyingxenye yehini yewayini; lenqama, ingxenye yesithathu yehini; kuthi izinyane lemvu ngalinye lihambe lengxenye yesine yehini. Lo ngumnikelo wokutshiswa owenyanga zonke okumele wenziwe ekuthwaseni kwezinyanga zonke ngomnyaka. **15** Ngaphandle komnikelo wokutshiswa ojayelekileyo kanye lomnikelo wakhona wokunathwayo, impongo eyodwa kumele iphiwe uThixo njengomnikelo wesono.”

**16** “Ngosuku lwetshumi lane ngenyanga yakuqala kuzakuba lePhasika likaThixo. **17** Ngosuku lwetshumi lanhlanu lwaleyonyanga kuzakuba lomkhosi; okwensuku eziyisikhombisa lizakudla isinkwa esingelamvubelo. **18** Ngosuku lwakuqala lenze umbuthano ongcwele njalo lingenzi imisebenzi yenu yansuku zonke. **19** Kodwa linikele kuThixo umnikelo owenziwe ngomlilo, umnikelo wokutshiswa owenkunzi ezingamaguqa ezimbili, inqama eyodwa kanye lamazinyane ezimvu amaduna ayisikhombisa alomnyaka owodwa ezelwe, konke kungelasici. **20** Kuzakuthi inkunzi nganye liyinikele kanye lomnikelo wamabele ayingxenye yokuthathu etshumini lehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha; kuthi inqama ihambe lokubili etshumini; **21** kuthi-ke linye ngalinye izinyane lemvu kwayisikhombisa,



lihambe lokukodwa etshumini. **22** Akubekhona lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono ukuzenzela indlela yokubuyisana. **23** Phezu kwalokho lungisani umnikelo wokutshiswa wekuseni ojayelekileyo. **24** Ngaleyondlela nikelani umhlatshele wokudla okwensuku eziyisikhombisa kube liphunga elimnandi kuThixo; lokhu kumele kulungiswe kusengezelela umnikelo ojayelekileyo wokutshiswa kanye lomnikelo wakho wokunathwayo. **25** Ngosuku lwesikhombisa lizakuba lombuthano ongcwele njalo lingenzi imisebenzi yenu yansuku zonke.” **26** “Ngosuku lwezithelo zakuqala, nxa lisethula kuThixo umnikelo wamabele amatsha ngesikhathi soMkhosi wamaViki, wobani lombuthano ongcwele njalo lingenzi imisebenzi yensukwini. **27** Nikelani umnikelo wokutshiswa ngenkunzi ezingamaguqa ezimbili, inqama eyodwa kanye lamazinyane amaduna ayisikhombisa awezimvu alomnyaka owodwa ezelwe kube liphunga elimnandi kuThixo. **28** Kuzakuthi inkunzi nganye liyilungise kanye lomnikelo wamabele ayingxenye yokuthathu etshumini lehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha; kuthi inqama ihambe lokubili etshumini; **29** kuthi-ke linye ngalinye izinyane lemvu ngalinye kwayisikhombisa, lihambe lokukodwa etshumini. **30** Akubekhona lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono ukuzenzela indlela yokubuyisana. **31** Lungisani lokho ndawonye leminikelo yokunathwayo, ukwengezelela eminikelweni ejayelekileyo yokutshiswa kanye lomnikelo wawo wamabele. Nanzelelani ukuthi lezozifuyo azilasici.”

**29** “Ngosuku lwakuqala ngenyanga yesikhombisa yenzani umbuthano ongcwele njalo lingenzi imisebenzi yansuku zonke. Lusuku lwenu lokutshaya amacilongo. **2** Lungisani umnikelo wokutshiswa, kube liphunga elimnandi kuThixo, inkunzi eliguqa eyodwa, inqama eyodwa lamazinyane ezimvu amaduna ayisikhombisa alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **3** Kuzakuthi inkunzi leyo liyilungise kanye lomnikelo wamabele azingxenye ezintathu kokulitshumi kwehefa yefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha; kuthi inqama ibe lokubili etshumini; **4** kuthi-ke linye ngalinye izinyane lemvu kwayisikhombisa, lihambe lokukodwa etshumini. **5** Akubekhona lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono ukuzenzela indlela yokubuyisana. **6** Lokhu kuzabe kusengezelela iminikelo yokutshiswa yenyanga zonke kanye leyezinsuku zonke ndawonye leminikelo yamabele leyokunathwayo njengokumisiweyo. Le yimihlatshelo yokudla eyenzelwa uThixo, iphunga elimnandi.” **7** “Ngosuku lwetshumi lwaleyonyanga yesikhombisa yenzani umbuthano ongcwele. Kumele lizidele njalo lingasebenzi. **8** Nikelani umnikelo wokutshiswa, kube liphunga elimnandi kuThixo, inkunzi eliguqa eyodwa, inqama eyodwa lamazinyane ezimvu amaduna ayisikhombisa alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **9** Kuzakuthi inkunzi leyo uyilungise kanye lomnikelo wamabele azingxenye ezintathu kokulitshumi zehefa zingezefulawa ecolekileyo exutshaniswe ngamafutha; kuthi inqama ihambe lokubili etshumini; **10** kuthi-ke linye ngalinye izinyane lemvu

kwayisikhombisa, lihambe lokukodwa etshumini. **11** Akubekhona lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wesono, owokubuyisana kanye lomnikelo wokutshiswa wansuku zonke lomnikelo wawo wamabele, kanye leminikelo yayo yokunathwayo.” **12** “Ngosuku lwetshumi lanhlano ngenyanga yesikhombisa, yenzani umbuthano ongcwele njalo lingenzi imisebenzi yensukwini. Thakazelelani lumkhosi kuThixo okwensuku eziyisikhombisa. **13** Nikelani umnikelo wokutshiswa, kube liphunga elimnandi kuThixo, umnikelo wokutshiswa wenkunzi ezingamaguqa ezilitshumi lantathu, inqama ezimbili lamazinyane ezimvu amaduna alitshumi lane alomnyaka ezelwe, konke kungelasici. **14** Kuthi inkunzi inye ngayinye kwezilitshumi lantathu liyilungise kanye lomnikelo wamabele azingxenye ezintathu kokulitshumi kwehefa lefulawa ecolekileyo exutshaniswe lamafutha; kuthi inqama nganye kwezimbili, ihambe lokubili etshumini; **15** kuthi-ke linye ngalinye izinyane lemvu kwalitshumi lane, lihambe lokukodwa etshumini. **16** Akube lempongo eyodwa ezakuba ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wawo wamabele kanye lowokunathwayo. **17** Ngosuku lwesibili lungisani inkunzi ezingamaguqa ezilitshumi lambili, inqama ezimbili lamazinyane ezimvu amaduna alitshumi lane alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **18** Ndawonye lenkunzi, inqama kanye lamawundlu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leyokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **19** Akube lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo

wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wawo wamabele, kanye leminikelo yayo yokunathwayo. **20** Ngosuku lwesithathu nikelani inkunzi ezilitshumi lanye, inqama ezimbili kanye lamazinyane ezimvu alitshumi lane alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **21** Ndawonye lenkunzi, inqama, kanye lamawundlu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leyokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **22** Akube lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wakho wamabele kanye lomnikelo wokunathwayo. **23** Ngosuku lwesine nikelani inkunzi ezilitshumi, inqama ezimbili kanye lamazinyane ezimvu alitshumi lane amaduna alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **24** Ndawonye lenkunzi, inqama kanye lamawundlu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leyokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **25** Akube lempongo eyodwa ezakuba ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wawo wamabele kanye lowokunathwayo. **26** Ngosuku lwesihlanu nikelani inkunzi eziyisificamunwemunye, inqama ezimbili kanye lamazinyane ezimvu alitshumi lane amaduna alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **27** Ndawonye lenkunzi, inqama kanye lamawundlu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leyokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **28** Akube lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wakho wamabele

kanye lomnikelo wakho wokunathwayo. **29** Ngosuku lwesithupha nikelani inkunzi eziyisificaminwembili, inqama ezimbili lamazinyane ezimvu amaduna alitshumi lane alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **30** Ndawonye lenkunzi, inqama kanye lamawundlu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leyokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **31** Akube lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wakho wamabele kanye lomnikelo wakho wokunathwayo. **32** Ngosuku lwesikhombisa nikelani inkunzi eziyikhombisa, inqama ezimbili lamazinyane ezimvu amaduna alitshumi lane alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **33** Ndawonye lenkunzi, inqama lamawundlu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leyokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **34** Akube lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa wansuku zonke ndawonye lomnikelo wakho wokunathwayo. **35** Ngosuku lwesificaminwembili buthanani njalo lingenzi imisebenzi yensukwini. **36** Nikelani umnikelo owenziwe ngomlilo kube liphunga elimnandi kuThixo, umnikelo wokutshiswa owenkunzi eyodwa, inqama eyodwa kanye lamazinyane ezimvu amaduna ayisikhombisa alomnyaka owodwa wokuzalwa, konke kungelasici. **37** Ndawonye lenkunzi, inqama kanye lamazinyane ezimvu, linikele iminikelo yakho yamabele kanye leminikelo yakho yokunathwayo kusiya ngenani elimisiweyo. **38** Akube lempongo eyodwa ukuba ibe ngumnikelo wesono, phezu komnikelo wokutshiswa

wansuku zonke ndawonye lomnikelo wakho wamabele kanye lomnikelo wakho wokunathwayo. **39**Ukwengezelela kulokho elinikela ngakho ngesifungo loba iminikelo yenu yokuzithandela, nikelani lokhu kuThixo emikhosini yenu emisiweyo: iminikelo yenu yokutshiswa, iminikelo yamabele, iminikelo yokunathwayo kanye leminikelo yobudlelwano.” **40**UMosi watshela abako-Israyeli konke lokho uThixo ayemlaye ngakho.

**30**UMosi wathi kwabazinhloko zezizwana zabako-Israyeli: “Nanku ukulaya kukaThixo: **2** Nxa indoda isenza isifungo kuThixo loba isenza isifungo iziphe icala ngokuthembisa, akumelanga yephule isithembiso sayo kodwa kumele igcwalise ngokwenza konke ekutshiloyo. **3** Nxa intombazana elokhu isezandleni zabazali bayo isenza isifungo kuThixo loba iziphe icala ngokuthembisa **4** kuthi uyise abesesizwa ngesifungo loba isithembiso sayo kodwa uyise angaze atsho lutho ngalokho kuyo, kutsho ukuthi izinqumo kanye lezithembiso zayo njengokuzethesa kwayo lowomlandu kuzakuma kunjalo. **5** Kodwa uyise angakuzwa lokho ayalise asikho isifungo lesithembiso sayo esizasebenza; uThixo uzayikhulula leyontombazana ngoba yalelwe nguyise. **6** Nxa ingenda ngemva kokwenza isifungo loba kube ngemva kokuba indebe zayo zike zatsho isithembiso ngokucunuka izethesa icala **7** kuthi indoda yayo ikuzwe lokho kodwa ingatsho lutho kuyo, lokho-ke kutsho ukuthi izifungo zayo loba izithembiso eyazethesa icala ngazo zizakuma zinjalo. **8** Kodwa nxa umkayo eyalela ekukuzweni kwakhe, kutsho ukuthi umkayo usesuse icala lesifungo loba isithembiso ngokujaha

kwayo, ngakho uThixo uzayikhulula. **9** Loba yisiphi isifungo loba isithembiso esenziwe ngumfelokazi loba umfazi owehlukana lendoda yakhe kuyisibopho kuye. **10** Nxa owesifazane ohlala lomkakhe esenza isinqumo loba ezethesa icala lesithembiso ngesifungo **11** kuthi indoda yakhe ikuzwe kodwa ingaze yatsho lutho kuye ingamaleli, kutsho ukuthi izifungo zakhe zonke lezithembiso zokuzethesa icala zizakuma zinjalo. **12** Kodwa indoda yakhe ingakuzwa lokho imalise, kutsho ukuthi akukho isifungo loba isithembiso esivela endebeni zakhe esizakuma njalo. Indoda yakhe isikwalile lokho, ngakho uThixo uzamkhulula. **13** Indoda yakhe ilakho ukuqinisa loba ukwala loba yisiphi isifungo azasenza loba yisiphi isifungo sesithembiso sokuzidela kwakhe. **14** Kodwa nxa indoda yakhe ingatshongo lutho kuye ngakho okwensuku, kuzakutsho ukuthi iyaziqinisa zonke izifungo loba izithembiso eziyisibopho kowesifazane. Indoda yakhe iyakuqinisa lokho ngokungatsho lutho kuye ekukuzweni kwakhe lokho. **15** Kodwa-ke, nxa angakwenqabela ngemva kwesikhathi ezwile ngakho, kutsho ukuthi usethwele icala lakhe.” **16** Le yiyo imithetho eyaphiwa uMosi nguThixo emayelana lokuhlalisana kwendoda lomkayo, njalo phakathi kukayise lendodakazi yakhe esakhulayo elokhu isesezandleni zakhe.

**31** UThixo wathi kuMosi, **2** “Phindisela kumaMidiyani usenzela abako-Israyeli. Ngemva kwalokho, uzalandela okhokho bakho.” **3** Ngakho uMosi wathi ebantwini, “Hlomisani amanye amadoda aye empini ayekulwa lamaMidiyani kanye lokuphindisela kukaThixo kuwo. **4**

Thumelani amadoda ayinkulungwane avela esizwaneni ngasinye sako-Israyeli ukuyahlasela.” 5 Ngakho amadoda azinkulungwane ezilitshumi lambili ahlomela ukuyahlasela, kuyinkulungwane yamadoda avela esizwaneni ngasinye, ebuthwe ngosendo lunye ngalunye kwabako-Israyeli. 6 UMosi wabathumela ukuyahlasela, kuyinkulungwane evela esizwaneni ngasinye, kanye loFinehasi indodana ka-Eliyazari, umphristi, owathatha izitsha endlini engcwele kanye lamacilongo okubikelana. 7 Balwa lamaMidiyani, njengokulaywa kukaMosi nguThixo, babulala amadoda wonke. 8 Phakathi kwababulawayo kwakulamakhosi amahlanu amaMidiyani abalisa u-Evi, uRekhemu, uZuri, uHuri kanye loRebha. Babulala loBhalamu indodana kaBheyori ngenkamba. 9 Abako-Israyeli bathumba abesifazane bamaMidiyani labantwana, basebethumba lemihlambi yenkomo zamaMidiyani, leyezimvu kanye lokubutha impahla njengempango. 10 Batshisa wonke amadolobho lapha okwakuhlala khona amaMidiyani, kanye lezihonqo zawo zonke. 11 Bathatha konke ababekubuthile lababekuthumbile, kuhlenganisa abantu lezifuyo, 12 njalo basebeletha abathunjwa, okuthunjiweyo lokubuthiweyo kuMosi lo-Eliyazari umphristi kanye lebandleni lonke lako-Israyeli ezihonqweni zabo zasemagcekeni aseMowabi, ngaseJodani ngaphetsheya ukuvelela eJerikho. 13 UMosi, u-Eliyazari umphristi kanye labo bonke abakhokheli babantu baphuma ukuyabahlangebeza ngaphandle kwezihonqo. 14 UMosi wathukuthelela abalawuli bamabutho, ababelawula



amaxuku ezinkulungwane lababelawula amaxuku angamakhulu, ababevela ekuhlaseleni. **15** UMosi wababuza wathi, “Selivumele abesifazane ukuthi baphile na? **16** Yibo ababelandela ukucebisa kukaBhalamu njalo bahugela abako-Israyeli ekungathembekini kuThixo kulokhu okwenzakala ePheycori, kwaze kwathi abantu bakaThixo behlelwa yisifo. **17** Khona khathesi bulalani abafana bonke. Njalo libulale wonke owesifazane oseke walala lendoda, **18** kodwa lizigcinele loba yiphi intombazana engakaze ilale lendoda. **19** Lina lonke elibulele loba ngubani loba lina elike lathinta loba ngubani obuleweyo lizahlala ngaphandle kwezihonqo okwensuku eziyisikhombisa. Ngosuku lwesithathu langosuku lwesikhombisa lizihlambulule lina kanye labathunjwa benu. **20** Lihlambulule zonke izembatho kanye lakho konke okwenziwe ngesikhumba, uboya bembuzi loba okwezigodo.” **21** Ngakho u-Eliyazari umphristi wathi kwabebutho ababeye empini, “Nanku okufaneleyo ngokomthetho owaphiwa uMosi nguThixo: **22** Igolide, isiliva, ithusi, insimbi, izenge lomnuso, **23** kanye lakho konke okunye okungatshi kutshabalale emlilweni kumele kudlule emlilweni, ngalokho kuzabe sekuhlambulukile. Kodwa kumele njalo kube sekuhlanjululiwe ngamanzi okuhlambulula. Kanti njalo kuthi lakuphi okungeke kwamelana lomlilo kumele kudluliswe kulawomanzi. **24** Ngosuku lwesikhombisa gezisani izigqoko zenu ukuze lihlambuluke. Ngemva kwalokho selingangena ezihonqweni.” **25** UThixo wathi kuMosi, **26** “Wena kanye lo-Eliyazari umphristi kanye

**6** USolomoni wasesithi, “UThixo usetshilo ukuthi uzahlala eyezini elimnyama, **2** sengikwakhele ithempeli elimangalisayo, indawo yakho ozahlala kuyo kuze kube nininini.” **3** Ibandla lonke lako-Israyeli lisemi khonapho, inkosi yaphenduka yababusisa. **4** Yasisithi: “Kadunyiswe uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, yena osegcwalise ngezandla zakhe ayekuthembise ubaba uDavida ngomlomo wakhe. Ngoba wathi, **5** ‘Kusukela ngelanga engakhupha ngalo abantu bami eGibhithe, akuladolobho engalikhethayo laloba kusiphi isizwana sako-Israyeli, ukuba iBizo lami lakhelwe ithempeli khona, njalo angikhethanga loba ngubani ukuba abe ngumkhokheli wabantu bami bako-Israyeli. **6** Kodwa khathesi sengikhethe iJerusalema ukuba iBizo lami libe khonale, njalo sengikhethe uDavida ukuba abuse abantu bami bako-Israyeli.’ **7** Ubaba uDavida wayetshiseka enhliziyweni yakhe ukuba akhele iBizo likaThixo ithempeli, uNkulunkulu ka-Israyeli. **8** Kodwa uThixo wathi kubaba uDavida, ‘Wenza kuhle ngokuba lesifiso sokungakhela ithempeli leBizo lami enhliziyweni yakho. **9** Lanxa kunjalo, kayisuwe ozakwakha ithempeli, kodwa indodana yakho eyinyama yakho

legazi lakho, yiyo ezakwakhela iBizo lami ithempeli.’ **10** UThixo usigcinile isithembiso asenzayo. Sengiyinkosi esikhundleni sikababa uDavida njalo khathesi sengihlezi esihlalweni sobukhosi sika-Israyeli njengokuthembisa kukaThixo, njalo sengakhele iBizo likaThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli ithempeli. **11** Kulapho engibeke khona ibhokisi, phakathi kwalo kulesivumelwano sikaThixo asenza labantu bako-Israyeli.” **12** USolomoni wasesima phambi kwe-alithari likaThixo phambi kwalo lonke ibandla lako-Israyeli welula izandla zakhe. **13** Wayenze isitubhu sethusi, ubude baso buzingalo ezinhlanu, lobubanzi baso buzingalo ezinhlanu njalo buzingalo ezintathu ukuyaphezulu, sona wayesimise phakathi laphakathi kweguma elingaphandle. Wema phezu kwesitubhu waseguqa phambi kwalo lonke ibandla lako-Israyeli waphakamisela izandla zakhe ezulwini. **14** Wasesithi: “Oh Thixo Nkulunkulu ka-Israyeli, kakho uNkulunkulu ofanana lawe ezulwini lasemhlabeni, wena ogcina isivumelwano sakho sothando lezinceku zakho eziqhubeka endleleni yakho ngezinhliziy ezipheleleyo. **15** Usigcinile isithembiso sakho encekwini yakho uDavida ongubaba; ngomlomo wakho uthembisile njalo ngesandla sakho ukugcwalisile lokho njengoba kunjalo lamuhla. **16** Ngakho Thixo, Nkulunkulu ka-Israyeli, gcinela inceku yakho uDavida ubaba isithembiso owasenza kuye usithi, ‘Kawuyikuswela umuntu ozakuma phambi kwami esihlalweni sobukhosi buka-Israyeli, nxa amadodana akho ezahamba ngokomthetho wami phambi kwami, njengalokhu okwenzileyo wena.’ **17** Ngakho khathesi, Thixo, Nkulunkulu ka-Israyeli, kaligcwaliseke

ilizwi lesithembiso owalikhuluma kuDavida inceku yakho. **18** Kambe uNkulunkulu uzahlala labantu emhlabeni na? Amazulu, kanye lamazulu aphezulu kakhulu, kawakulingani. Pho lisilela kanganani lelithempeli engilakhileyo! **19** Kodwa-ke akuzwe umkhuleko wenceku yakho lokucela kwayo umusa, Oh Thixo Nkulunkulu wami. Zwana ukukhala lokukhuleka kwenceku yakho phambi kwakho. **20** Ebusuku lemini amehlo akho kakhangele lindlu, yona eyindawo owathi iBizo lakho lizakuba kuyo. Akuzwe umkhuleko wenceku yakho ngalindawo. **21** Akulalele ukucela kwenceku yakho lokwabantu bakho bako-Israyeli nxa bekhuleka bekhangele kule indawo. Akuzwe ezulwini, lona eliyindawo yakho yokuhlala; ukuze uthi ungezwa, uthethelele. **22** Nxa umuntu angonela umakhelwane wakhe, afungiswe, abesefunga isifungo phambi kwe-alithari lakho kulelithempeli, **23** zwana usezulwini, uthethelele. Zahlulele izinceku zakho, uyigwebe leyo elecala ngalokho ekwenzileyo, njalo uyidedele engonanga uyiphe umvuzo ofanele ukuba msulwa kwayo. **24** Kuthi lapho abantu bakho bako-Israyeli behlulwe yizitha ngoba bonile kuwe, akuthi lapho bephenduka befakaza ibizo lakho, bekhuleka njalo becela phambi kwakho kulelithempeli, **25** zwana usezulwini uthethelele izono zabantu bakho bako-Israyeli ubabuyisele elizweni owabapha lona kanye laboyise. **26** Akuthi nxa amazulwini kuvalekile lingasani izulu ngoba abantu bakho bonile kuwe, njalo bathi nxa bekhuleka bekhangele kulindawo befakaza ibizo lakho betshiya izono zabo ngoba ubajezisile, **27** zwana usezulwini

uthethelele izono zenceku zakho, abantu bakho u-Israyeli. Bafundise indlela eqondileyo yokuphila uthumele izulu elizweni owalinika abantu bakho ukuba libe yilifa labo. **28** Nxa kufika indlala loba isifo elizweni, loba ingumane loba isikhwekhwe, intethe loba isikhongwane, loba izitha zibavimbezela loba kukuyiphi imizi yabo, loba kufika incithakalo kumbe umkhuhlane bani, **29** kuthi lanxa umkhuleko kumbe isicelo sisenziwa ngomunye wabantu bakho bako-Israyeli, ngulowo lalowo ebona inhlupheko lezinsizi zakhe njalo ephakamisela izandla zakhe kulelithempeli, **30** lalela usezulwini, okuyindawo yakho yokuhlala. Thethelela, wenzele umuntu munye ngamunye lokho okuhambelana lezenzo zakhe, ngoba wena uyazazi inhliziyo zabo (futhi nguwe wedwa owazi inhliziyo zabantu), **31** ukuze bakwesabe bahambe ezindleleni zakho besaphila elizweni owalipha okhokho bethu. **32** Akuthi owezizweni ongasuye omunye wabantu bakho bako-Israyeli kodwa evela elizweni elikhatshana ngenxa yodumo lwebizo lakho lesandla sakho esilamandla lengalo yakho elulekileyo, nxa esiza ekhuleka ekhangele kulelithempeli, **33** umuzwe usezulwini, lona eliyindawo yakho yokuhlala, umenzele owezizweni loba kuyini akucela kuwe, ukuze kuthi abantu bonke emhlabeni balazi ibizo lakho bakwesabe, njengalokhu abantu bakho bako-Israyeli bekwenza, ukuze bazi ukuthi lindlu engiyakhileyo ngeyeBizo lakho. **34** Nxa abantu bakho bephuma besiya empini ukuyakulwa lezitha zabo, loba kungaphi lapho obathuma khona, njalo kuthi nxa bekhuleka kuwe bekhangele lelidolobho olikhethileyo kanye lalelithempeli

engilakhele iBizo lakho, **35** uzwe usezulwini imikhuleko yabo lokuncenga kwabo, ubamele wena. **36** Nxa bonile phambi kwakho, ngoba kakho ongoniyo njalo uze ubathukuthelele ubanikele ezitheni zabo ezibathumba zibase elizweni elikhatshana loba eliseduzane, **37** kuthi nxa bengaguquka ezinhliziyweni zabo besemazweni abayabe bethunjelwe kuwo, baphenduke bakuncenge besemazweni abathunjelwa khona bathi, 'Sonile, senza okungalunganga lokubi,' **38** loba nxa bephendukela kuwe ngezinhliziyiyo zabo zonke langemiphefumulo yabo elizweni njalo bekhuleka bekhangele elizweni owalinika oyise, edolobheni owalikhethayo lasethempelini engilakhele iBizo lakho; **39** ngakho wena osezulwini, endaweni yakho yokuhlala, akuzwe imikhuleko yabo lokuncenga kwabo, ubamele. Njalo ubathethelele abantu bakho, bona abakoneleyo. **40** Ngakho-ke, Nkulunkulu wami sengathi amehlo akho angavuleka lezindlebe zakho zilalele imikhuleko eyenziwa kule indawo. **41** Ngakho phakama, Oh Thixo Nkulunkulu, **42** Oh Thixo Nkulunkulu, ungafulatheli ogcotshiweyo wakho.

**7** Kwathi uSolomoni eseqedile ukukhuleka, kwehla umlilo uvela ezulwini, waqhunqisa umnikelo wokutshiswa lemihlatshelo, inkazimulo kaThixo yagcwalisa ithempeli. **2** Abaphristi behluleka ukungena ethempelini likaThixo ngoba laligcwele inkazimulo kaThixo. **3** Kwathi lapho bonke abako-Israyeli bebona umlilo usehla lenkazimulo kaThixo ethempelini, bathi mbo ngobuso phansi embundwini weguma, badumisa bebonga uThixo besithi: "Yena ulungile; uthando lwakhe lumi kuze kube nininini."

**4** Inkosi labantu bonke banikela imihlatshelo kuThixo.

**5** Ngalokho inkosi uSolomoni yanikela umhlatshelo wenkomo ezizinkulungwane ezingamatshumi amabili lambili kanye lezimvu lembuzi ezizinkulungwane ezilikhulu elilamatshumi amabili. Ngakho inkosi labantu bonke banikela ithempeli likaNkulunkulu.

**6** Abaphristi bema ngezindawo zabo, njengoba labaLevi labo bema ngamachacho lawo inkosi uDavida eyayivele iwenzele ukudumisa uThixo njalo ayevele esetshenziswa nxa ebonga, esithi, “Uthando lwakhe lumi kuze kube nininini.” Maqondana labaLevi, abaphristi babevuthela amacilongo abo, njalo bonke abako-Israyeli babemi.

**7** USolomoni wahlukanisela uThixo indawo yaphakathi laphakathi kweguma phambi kwethempeli likaThixo, njalo kulapho anikelela khona iminikelo yokutshiswa lamafutha eminikelo yobudlelwano, ngoba i-alithari lethusi ayelenzile lalingeke lenele iminikelo yokutshiswa, iminikelo yamabele kanye lamafutha.

**8** Ngakho ngalesosikhathi uSolomoni wathakazelela umkhosi okwensuku eziyisikhombisa, labo bonke abako-Israyeli ababelaye, ababelibandla elikhulu, abanye bevela eLebho Hamathi kusiya eSihotsheni saseGibhithe.

**9** Ngosuku lwesificaminwembili benza umhlangano, ngoba babekhonze ngokunikela i-alithari okwensuku eziyisikhombisa lomkhosi wezinye insuku eziyisikhombisa phezulu.

**10** Ngosuku lwamatshumi amabili lantathu lwenyanga yesikhombisa wakhulula abantu ukuthi babuyele emakhaya abo bethokoza njalo bejabula ngenhliziyo ngenxa yezinto ezinhle uThixo ayezenzele

uDavida loSolomoni kanye labantu bakhe bako-Israyeli. **11** Kwathi uSolomoni eseqedile ithempeli likaThixo lesigodlo, esenelisile lokwenza konke ayekunakana ngethempeli likaThixo kanye lesigodlo sakhe, **12** UThixo wabonakala kuye ebusuku wathi: “Ngiwuzwile umkhuleko wakho njalo sengizikhethela indawo le ukuba ibe lithempeli lemihlatshelo. **13** Nxa ngivala iphezulu ukuze kungabi lezulu, loba ngithumela intethe ukuchitha ilizwe, ingabe ngithumela isifo phakathi kwabantu bami, **14** nxa abantu bami, ababizwa ngebizo lami, bezazithoba bakhuleke badinge ubuso bami njalo batshiye izindlela zabo ezimbi, kulapho ngizakuzwa khona ngisezulwini ngithethelele izono zabo njalo ngiphephise ilizwe labo. **15** Ngalokho amehlo ami azavuleka, lezindlebe zami zizalalela imikhuleko eyenziwa kulindawo. **16** Ngilikhethile ngizahlukanisela lelithempeli ukuze iBizo lami libe kulo kuze kube nininini. Amehlo ami lenhliziyo yami kuzakuba kulo ngazonke izikhathi. **17** Wena, nxa unгахamba phambi kwami njengalokhu okwenziwa nguyihlo uDavida, wenze konke engikulaya ngakho, ulandele izimiso lemithetho yami, **18** ngizaqinisa isihlalo sakho sobukhosi, njengesivumelwano engasenza loyihlo uDavida ngisithi: ‘Kawuyikuswela umuntu ozabusa u-Israyeli.’ **19** Kodwa ungafulathela utshiye izimiso lemilayo engikunika yona usuke uyekhothamela abanye onkulunkulu ubakhonze, **20** kulapho ngizakhucula abako-Israyeli elizweni lami, engabanika lona, kuthi lelithempeli engilahlukanisele iBizo lami ngilichithe, ngilenze libe yinto ekhohlakeleyo into eyinhlekisa

kubo bonke abantu. **21** Loba lelithempeli likhanga amehlo, bonke abedlula lapha bazamangala bathi, ‘Kanti kungani uThixo ekwenzile lokhu okunje kulelizwe kanye lakulelithempeli?’ **22** Abantu bazaphendula bathi, ‘Ngoba bamfulathele uThixo, uNkulunkulu wabokhokho babo, owabakhupha eGibhithe, basuka bayabambeleva kwabanye onkulunkulu, bebakhonza njalo bebakhothamela, yikho ebehlisele incithakalo yonke le.’”

**8** Ekupheleni kweminyaka engamatshumi amabili, leyo uSolomoni akha ngayo ithempeli likaThixo kanye lesigodlo sakhe, **2** uSolomoni wabuye wavusa imizi uHiramu ayemnike yona, wahlalisa abako-Israyeli kuyo. **3** USolomoni wayahlasela iHamathi-Zobha wayithumba. **4** Wakha njalo leThamari enkangala layo yonke imizi yeziphala ayakha eHamathi. **5** Wavusa iBhethi-Horoni elingaphezu kanye leBhethi-Horoni elingaphansi, imizi ebiyelweyo elemithangala lamasongo alemigoqo, **6** kanye leBhalathi lamadolobho akhe wonke ayeyiziphala lemizi yezinqola zakhe zempi kanye lamabhiza akhe lakho konke nje ayengafisa ukukwakha eJerusalema leLebhanoni kanye lakulo lonke ilizwe ayelibusa. **7** Abantu bonke ababesele kumaHithi, lama-Amori, lamaPherizi, lamaHivi kanye lamaJebusi (lababantu babengasiwo ama-Israyeli), **8** kutshiwo labo inzalo yabo eyayisele elizweni, labo abangabhujiswanga ngama-Israyeli, uSolomoni wababutha baba yizigqili: njengoba kunjalo kuze kube lanamhla. **9** Kodwa abako-Israyeli uSolomoni kabenzanga izigqili emsebenzini wakhe; babengamadoda akhe empi, abalawuli bezinduna zebutho, labalawuli



beziinqola zokulwa labokulwa ngeziinqola zokulwa. **10**  
Njalo babeyizikhulu zenkosi uSolomoni, bengamakhulu  
amabili alamatshumi amahlanu ababephethe abantu. **11**  
USolomoni wasusa indodakazi kaFaro eMzini kaDavida  
wayisa esigodlweni asakhela yona, ngoba wathi, “Umkami  
kamelanga ahlale esigodlweni sikaDavida inkosi yako-  
Israyeli, ngoba izindawo esezike zangena ibhokisi  
lesivumelwano sikaThixo zingcwele.” **12** USolomoni  
wasenikela kuThixo umnikelo wokutshiswa phezu kwe-  
alithari likaThixo ayelakhele phambi komkoto, **13**  
kulandelwa umkhuba wemihla ngemihla njengokulaya  
kukaMosi eqakathekisa iSabatha, lokuThwasa kweNyanga  
kanye lokwemikhosi emithathu yomnyaka, uMkhosi  
weSinkwa esingelaMvubelo, uMkhosi wamaViki loMkhosi  
weziHonqo. **14** Elandela isimiso sikayise uDavida wamisa  
izigaba zabaphristi ngezinkonzo zabo, njalo abaLevi  
bekhokhela ekudumiseni lokuphathisa abaphristi kusiya  
ngemfanelo yemihla ngemihla. Wakhetha abalindi  
bamasango ngezigaba ukulinda amasango ehlukeneyo  
ngoba yikho okwaktshiwo nguDavida umuntu  
kaNkulunkulu. **15** Kabaphambukanga kulokho inkosi  
uDavida eyayikutshilo mayelana labaphristi labaLevi  
kanye lezindlu zenotho. **16** Wonke umsebenzi kaSolomoni  
wenziwa, kusukela ngosuku lokubekwa kwesisekelo  
sethempeli likaThixo kwaze kwaba sekupheleni kwawo.  
Kwaba yikuphela kokwakhiwa kwethempeli likaThixo. **17**  
Ngakho uSolomoni wasesiya e-Eziyoni-Gebheri lase-Elathi  
ngasemakhunjini ase-Edomi. **18** UHiramu wathumela  
kuye imikhumbi eyayiphethwe yizinduna zakhe, amadoda

ayelwazi ulwandle. Zona, kanye lezincku zikaSolomoni zaya e-Ofiri, zayathwala igolide elingamathalenta angamakhulu amane lamatshumi amahlanu, zayaethula enkosini uSolomoni.

**9** Indlovukazi yaseShebha isizwile ngodumo lukaSolomoni, yaya eJerusalema ukuba iyemlinga ngemibuzo enzima. Yayiphelekezelwa ludwende olukhulu, amakamela ayethwele iziyoliso, igolide elinengi kakhulu lamatshe aligugu, yafika kuSolomoni yaxoxa laye ngakho konke eyayikumumethe. **2** USolomoni wayiphendula yonke imibuzo yayo, akubanga lalutho olwaba nzima ukuthi aluchasisele yona. **3** Inkosikazi yaseShebha isibonile konke ukuhlakanipha kukaSolomoni, lesigodlo ayesakhile, **4** lokudla kwakhe, lokuhlaliswa kwezinduna zakhe, lokuhlelwa kwezinceku zakhe lezigqoko zazo, labaphathi benkezo lezigqoko zabo, leminikelo yokutshiswa ayeyinikela ethempelini likaThixo, kwayiqeda amandla. **5** Yathi enkosini, “Imibiko ebifika ezindlebeni zami elizweni lami ngengqubelaphambili langenhlanipho yakho iqotho. **6** Ngibe ngingayikholwa leyo mbiko ngaze ngazibonela ngawami amehlo. Ngeqiniso, akufiki engxenyeni engikuzwileyo ngokujula kwenhlanipho yakho; engikubonileyo kwedlula engakuzwayo ngawe ngokuphindwe kanengi. **7** Yeka ukujabula kwabantu bakho! Yeka ziyadela izikhulu zakho, ezihlezi zimi phambi kwakho zizizwela inhlakanipho yakho! **8** Udumo kuThixo uNkulunkulu wakho, obe lokuthokoza ngawe wakufaka esihlalweni sakhe sobukhosi ukuba ube yinkosi

ubusele uThixo uNkulunkulu wakho. Ngenxa yothando lukaNkulunkulu wakho ngo-Israyeli, lokuzimisela ukubamela kuze kube nininini, ukubekile waba yinkosi phezu kwabo, ukuze ulondoloze ukwahlulela ngemfanelo langokulunga.” **9** Indlovukazi yasinika uSolomoni amathalenta egolide alikhulu elilamatshumi amabili, iziyoliso ezinengi, lamatshe aligugu. Kwakungakaze kube leziyoliso ezinjengalezo ezaphiwa inkosi uSolomoni yindlovukazi yaseShebha. **10** (Izinceku zikaHiramu lezikaSolomoni zaletha igolide livela e-Ofiri; zaletha lezigodo zom’aligumu lamatshe aligugu. **11** Inkosi yasebenzisa izigodo zom’aligumu ukwakha inyathelo lethempeli likaThixo lenyathelo lesigodlo sesikhosini, kanye lokwenza imihubhe lemiqangala yabahlabeleli. Kwakungakaze kubonakale okunjengalokhu kwelakoJuda). **12** Inkosi uSolomoni yapha inkosikazi yaseShebha okwedlula lokho eyayikucelile, kwakukunengi kugabhela lokho ayekuphathelwe yinkosikazi. Yavalelisa-ke inkosikazi yabuyela elizweni layo lobhobo lwezindwendwe zayo. **13** Isisindo segolide elalifika kuSolomoni minyaka yonke lalingamathalenta angamakhulu ayisithupha lamatshumi ayisithupha lasithupha, **14** kungabalwa inzuzo eyayivela emithelweni yabathengisi labathengi. Kunjalo-nje amakhosi ase-Arabhiya leziphathamandla zelizwe zaletha igolide lesiliva kuSolomoni. **15** Inkosi uSolomoni yenza amahawu amakhulu angamakhulu amabili ngegolide elikhandiweyo; lilinye langena amashekeli angamakhulu ayisithupha. **16** Inkosi yasisenza ezinye ezincinyane

ezingamakhulu amathathu ngegolide elikhandiweyo, sisinye sithatha amashekeli egolide elikhandiweyo angamakhulu amathathu. Inkosi yazibeka eSigodlweni saseGuswini laseLebhanoni. **17** Ngakho inkosi yasisenza isihlalo esikhulu sinanyekwe ngempondo zendlovu ngaphakathi kodwa ngaphandle kuligolide elihle. **18** Isihlalo sobukhosi sasilezinyathelo eziyisithupha njalo kulesenabelo segolide esasixhunywe kuso. Emaceleni esihlalo kwakulezeyamelo zengalo, yilesa laleso kumi isilwane eceleni kwaso. **19** Izilwane ezilithumi lambili zazimi kulawomakhwelelo ayisithupha, sisinye simi nganxanye kwekhwelelo ngalinye. Kakukho okunjalo okwakuke kwenzekala loba kuwuphi umbuso. **20** Zonke inkezo zenkosi uSolomoni zazingezegolide, lazonke izitsha zeSigodlweni saseGuswini laseLebhanoni zazingezegolide elicolekileyo. Akukho okwakwenziwe ngesiliva ngoba ngensuku zikaSolomoni igugu lesiliva lalilincinyane kakhulu. **21** Inkosi yayilodibi lwemikhumbi yezokuthengiselana eyayigwedlwa ngabantu bakaHiram. Yayiphenduka kanye ngemva kohambo lweminyaka emithathu, iphenduka ithwele igolide, isiliva lempondo zendlovu, inkawu lendwangu. **22** Inkosi uSolomoni yawedlula wonke amakhosi omhlaba ngenotho langenhlakanipho. **23** Amakhosi wonke omhlaba eza kuSolomoni ukuzokuzwa inhlakanipho uNkulunkulu ayeyifake enhliziyweni yakhe. **24** Minyaka yonke amlethela izipho zesiliva lezegolide, izembatho, izikhali leziyoliso, lamabhiza kanye lezimbongolo. **25** USolomoni wayelezibaya zamabhiza lezezinqola

zokulwa ezizinkulungwane ezine, kanye lamabhiza azinkulungwane ezilitshumi lambili, ayekugcina emizini yezinqola zokulwa okunye njalo kukuye khonapho eJerusalema. **26** Wabusa wonke amakhosi kusukela emfuleni iYufrathe kusiya elizweni lamaFilistiya, lasemngceleni weGibhithe. **27** Inkosi yandisa isiliva kwangani ngamatshe eJerusalema, lezihlahla zomsedari zanda kwangani yizihlahla zomkhiwa wesikhamore emawatheni ezintaba. **28** USolomoni wayezuza amabhiza ayevela eGibhithe lakuwo wonke amanye amazwe. **29** Ezinye izehlakalo ezenzakala ekubuseni kukaSolomoni kazilotshwanga yini kusukela ekuqaleni kuze kube sekucineni, ezindabeni zomlandu kaNathani umphrofethi, lasesiphrofethini sika-Ahija waseShilo, lasemibonweni ka-Ido umboni emayelana loJerobhowamu indodana kaNebhathi? **30** USolomoni wabusa u-Israyeli wonke eJerusalema okweminyaka engamatshumi amane. **31** Waya kwabaphansi, wangcwatshwa emzini kaDavida uyise. URehobhowami indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.

**10** URehobhowami waya eShekhemu ngoba bonke abako-Israyeli babeye khona ukuze bamethese ubukhosi. **2** Kwathi uJerobhowamu indodana kaNebhathi ekuzwa lokhu (wayeseGibhithe lapho abuya evela khona ngoba wayebalekele inkosi uSolomoni.) **3** Abako-Israyeli basebethumela ilizwi bembiza uJerobhowamu, kwathi-ke yena kanye labo bonke abako-Israyeli baya kuRehobhowami bafika bathi: **4** “Uyihlo wasithwalisa umthwalo onzima, kodwa wena khathesi

ake uphungule ubunzima asethesa bona, wethule lemithwalo yethu enzima abesithwalise yona, yikho sizakukhonza.” 5 URehobhowami wabaphendula wathi: “Libobuya ngemva kwensuku ezintathu.” Ngakho abantu basuka bahamba. 6 INkosi uRehobhowami yasicebisana labadala ababeloyise uSolomoni esaphila, yathi: “Lingicebisa ukuthi ngibanike mpendulo bani lababantu?” 7 Baphendula bathi, “Ungaba lomusa kulababantu, ubathokozise, ukhulumisane labo kuhle, bazahlala bezinceku zakho.” 8 Kodwa uRehobhowami kazange akwamukele ukucebisa kwabadala wakhetha ukudinga ulwazi kwabayintanga yakhe ababekhule bonke njalo kuyibo abasebezinceku zakhe. 9 Wababuza wathi, “Seluleko bani elilaso? Singabaphendula sithini lababantu abathi kimi, ‘Ake uphungule ubunzima esabetheswa nguyihlo?’” 10 Amajaha ayeyintanga yakhe amphendula athi, “Batshele lababantu abathi kuwe, ‘Uyihlo wasethesa ubunzima, akusiphungulele lobubunzima’ uthi kubo, ‘Ucikilicane wami uqatha kulokhalo lukababa. 11 Ubaba walethesa ubunzima, mina ngizabungezelela. Ubaba walitshaya ngezaswebhu, mina ngizalilumisa ngenkume.” 12 UJerobhowamu labo bonke abantu babuyela kuRehobhowami ngosuku lwesithathu njengokutsho kwakhe ukuthi, “Phendukani lize kimi ngemva kwensuku ezintathu.” 13 Lakanye inkosi yaphendula abantu ngolaka, yalahla iseluleko sabadala, 14 yalandela iseluleko samajaha yathi, “Ubaba walethwesa ubunzima, mina ngizakwengezelela kubo. Walitshaya ngezaswebhu, mina ngizalilumisa

ngezinkume.” 15 Ngakho inkosi kayibalalelanga abantu, ngoba lokhu kwenziwa nguNkulunkulu, ukuze kugcwaliseke ilizwi likaThixo ayelikhulume ngo-Ahija waseShilo kuJerobhowamu indodana kaNebhathi. 16 Kwathi bonke abako-Israyeli bebona ukuthi inkosi iyala ukubalalela bayiphendula bathi: “Silesabelo bani kuDavida na, silengxenyane bani endodaneni kaJese na? Yanini emizini yenu lina bako-Israyeli! Sala lendlu yakho, Davida!” Ngakho bonke abako-Israyeli babuyela emakhaya. 17 Kodwa uRehobhowami waqhubeka ebusa abako-Israyeli ababehlala emizini yakoJuda. 18 Inkosi uRehobhowami yasithuma u-Adoniramu owayengumphathi wezibhalwa, kodwa abako-Israyeli bamkhanda ngamatshe wafa. Kodwa inkosi uRehobhowami yaphanga yakhwela enqoleni yayo yokulwa, yabalekela eJerusalema. 19 Kusukela ngalesosikhathi abako-Israyeli bayihlamukela indlu kaDavida kuze kube lamuhla.

**11** Kwathi uRehobhowami esefike eJerusalema, wabuthanisa abakoJuda labakoBhenjamini, amadoda empi azinkulungwane ezilikhulu lamatshumi ayisificaminwembili ukuba bayekulwa labako-Israyeli ukuze babuyisele uRehobhowami embusweni. 2 Kodwa ilizwi likaThixo lafika kuShemaya umuntu kaNkulunkulu lisithi: 3 “Tshela uRehobhowami indodana kaSolomoni inkosi yakoJuda, labo bonke abako-Israyeli koJuda lakoBhenjamini uthi, 4 ‘Nanku okutshiwo nguThixo: Lingaphumi ukuthi liyekulwa labafowenu. Buyelani emizini yenu, lina lonke, ngoba lokhu kuyikwenza kwami.’” Ngakho balalela ilizwi likaThixo, babuyela

emizini yabo, kabasayanga kulwa loJerobhowamu. **5** URehobhowami wahlala eJerusalema njalo wakha imizi eyizingqaba koJuda: **6** iBhethilehema, le-Ethamu, leThekhowa, **7** leBhethi Zuri, leSokho, le-Adulami, **8** leGathi, leMaresha, leZifi, **9** le-Adorayimi, leLakhishi, le-Azekha, **10** leZora, le-Ayijaloni, kanye leHebhroni. Le kwakuyimizi ebiyelweyo koJuda lakoBhenjamini. **11** Waqinisa izingqaba zayo wabeka abalawuli bempi kuyo, wabuthela ezingabeni ukudla lamafutha om'oliva lewayini. **12** Wafaka izihlangu lemikhonto kuyo yonke imizi, wayiqinisa kakhulu. Ngakho-ke wabusa koJuda lakoBhenjamini. **13** Abaphristi labaLevi kulezozabelo kulolonke elako-Israyeli bamsekela. **14** AbaLevi bahle batshiya amadlelo abo lempahla, baya koJuda laseJerusalema, ngoba uJerobhowamu lamadodana akhe wala ukuthi bangabaphristi bakaThixo. **15** Wasekhetha abakhe abaphristi wababeka ezindaweni zokukhonzela, labezithombe zembuzi lezathole ayezenzile. **16** Abezizwana zonke zako-Israyeli ababezimisele ukukhonza uThixo uNkulunkulu ka-Israyeli, balandela abaLevi eJerusalema ukuyanikela imihlatshelelo yabo kuThixo, uNkulunkulu wabokhokho babo. **17** Baqinisa umbuso kaJuda basekela uRehobhowami indodana kaSolomoni iminyaka emithathu, belandela indlela kaDavida lekaSolomoni ngalesosikhathi. **18** URehobhowami wathatha uMahalathi, indodakazi kaJerimothi indodana kaDavida, leka-Abhihayili indodakazi ka-Eliyabi indodana kaJese, waba ngumkakhe, **19** wamzalela amadodana la: uJewushi loShemariya loZahamu. **20** Wasethatha njalo



uMahakha indodakazi ka-Abhisalomu owamzalela o-  
Abhija lo-Athayi loZiza loShelomithi. **21** URehobhowami  
wathanda kakhulu uMahakha indodakazi ka-Abhisalomu  
ukwedlula bonke omkakhe labafazi beceleni; wathatha  
abafazi abalitshumi lasificaminwembili, labafazi beceleni  
abangamatshumi ayisithupha. **22** URehobhowami wabeka  
u-Abhija indodana kaMahakha ukuba abe yinkosana  
enkulu kubafowabo ngoba wayeqonde ukumenza inkosi.  
**23** Wenza ngokuhlakanipha, amadodana akhe wawabeka  
ezindaweni zonke zakoJuda lakoBhenjamini, kuyo yonke  
imizi ebiyelweyo. Wasebanika ukudla okunengi,  
wabadingela labafazi abanengi.

**12** Ngemva kokuba uRehobhowami eselamandla,  
lombuso wakhe usuqinile, yena kanye labo bonke abako-  
Israyeli bawudela umlayo kaThixo. **2** Kodwa ngoba  
bona kuThixo, uShishakhi inkosi yaseGibhithe wahlasela  
iJerusalema ngomnyaka wesihlanu wokubusa kwenkosi  
uRehobhowami. **3** Wahlasela ngezinqola zokulwa  
ezingamakhulu alitshumi lambili labagadi bamabhiza  
abazinkulungwane ezingamatshumi ayisithupha, labantu  
abangelakubalwa ubunengi babo abanye bengabeLibhiya,  
lamaSukhi labaKhushi abeza laye bevelela ngaseGibhithe,  
**4** wathumba imizi yakoJuda ebiyelweyo waze wayafika  
leJerusalema. **5** Ngakho uShemaya umphrofethi  
waya kuRehobhowami kanye lakubakhokheli bakoJuda  
ababebuthene eJerusalema ngokwesaba uShishakhi,  
wafika wathi kubo, “Nanku okutshiwo nguThixo uthi,  
‘Lingilahlelina; ngakho sengilinekela kuShishaki.’”  
**6** Abakhokheli bako-Israyeli lenkosi yabo bazithoba

batsho bathi, “uThixo ulungile.” 7 Kwathi uThixo esebonile ukuzithoba kwabo ilizwi lakhe lafika kuShemaya lisithi: “Njengoba bezithobile, kangisayikubabhubhisa, kodwa ngizabakhulula emva kwesikhatshana, lolaka lwami kalusayikwehliselwa eJerusalema ngesandla sikaShishakhi. 8 Kodwa bazakuba yizinceku zakhe ukuze bazi umahluko phakathi kokungikhonza lokukhonza amakhosi amanye amazwe.” 9 UShishakhi inkosi yaseGibhithe wasehlasela iJerusalema, wabutha yonke inotho yasethempelini likaThixo kanye lenotho yasesigodlweni sesikhosini. Wathatha konke waze wathatha lezihlangu zegolide ezazenziwe nguSolomoni. 10 Ngakho iNkosi uRehobhowami yasisenza izihlangu zethusi endaweni yalezo njalo yazibeka ngaphansi kwabalawuli babalindi bamasango asesigodlweni sesikhosini. 11 Kwakusithi lapho inkosi isiya ethempelini likaThixo, abalindi babehamba layo bephethe izihlangu, kuze kuthi emva kwesikhathi bazibuyisele endlini yabalindi. 12 Ngenxa yokuthi uRehobhowami wazithoba, ulaka lukaThixo lwadeda kuye, kasazange abe esabhujiswa. Ngempela kwakukhona okuhle koJuda. 13 Inkosi uRehobhowami yaqinisa umbuso wayo eJerusalema njalo yaqhubeka ibusa. Ekugcotshweni kwakhe ubukhosi wayeleminyaka engamatshumi amane lanye, wabusa okweminyaka elitshumi lesikhombisa eJerusalema umuzi kaThixo ayewukhethile phakathi kwezizwana zako-Israyeli ukuze abeke iBizo lakhe. Ibizu likanina linguNahama, engowako-Amoni. 14 Wenza okubi wona ngoba engazange abeke

inhliziyo yakhe ekumdingeni uThixo. **15** Okumayelana lokubusa kukaRehobhowami, kusukela ekuqaleni kuze kube sekupheleni, akulotshwanga na emibhalweni kaShemaya umphrofethi leka-Ido umboni mayelana lokuzalana kwabantu? Kwaba lempi njalo phakathi kukaRehobhowami loJerobhowamu. **16** URehobhowami wakhothama, wangcwatshwa labokhokho bakhe eMzini kaDavida. U-Abhija, indodana yakhe wathatha ubukhosi waba yinkosi ngemva kukayise.

**13** Ngomnyaka wetshumi lasificaminwembili wokubusa kukaJerobhowamu, u-Abhija waba yinkosi yakoJuda, **2** njalo wabusa eJerusema okweminyaka emithathu. Ibizo likanina lalinguMikhaya, indodakazi ka-Uriyeli waseGibhiya. Kwaba lempi phakathi kuka-Abhija loJerobhowamu. **3** Bathi behlangana ekulweni, u-Abhija wayelamadoda aqinileyo azinkulungwane ezingamakhulu amane, kanti uJerobhowamu wahlangabezana laye elamadoda azinkulungwane ezificaminwembili. **4** U-Abhija wema phezu kweNtaba iZemarayimu, elizweni lamaqaqa lako-Efrayimi, wathi: “Wena Jerobhowamu kanye laye wonke u-Israyeli, lalelani kimi, lizwe! **5** Alikwazi na ukuthi uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, unikele ubukhosi bako-Israyeli kuDavida lenzalo yakhe kuze kube nininini ngesivumelwano setswayi na? **6** Kukanti uJerobhowamu indodana kaNebhathi, isikhulu sikaSolomoni indodana kaDavida, uhlamukele inkosi yakhe. **7** Abantu ababi bamlandela behlamukela uRehobhowami indodana kaSolomoni esesemncinyane engakaqedisisi njalo engakabi lamandla

okumelana labo. **8** Khathesi licabanga ukumelana lombuso kaThixo, ophethwe ngamadodana kaDavida ngoba libona libanengi kakhulu, lilamathole eGolide elawenzelwa nguJerobhowamu ukuba abe ngonkulunkulu.

**9** Kalibaxotshanga yini abaphristi bakaThixo, amadodana ka-Aroni, kanye labaLevi, lazibekela abenu abaphristi njengalokhu okwenziwa ngabantu bamanye amazwe na? Kuthi lowo ofika elenkunzi loba inqama eziyisikhombisa ukuba ahlukaniselwe uThixo waba ngumphristi walokho okungayisikho onkulunkulu. **10** Kodwa thina, uThixo uNkulunkulu ngowethu, asimdelanga. Thina abaphristi esilabo ngamadodana ka-Aroni, amkhonzayo uThixo, njalo baphathiswa ngabaLevi. **11** Bayanikela kuThixo ekuseni lantambama insuku zonke iminikelo yokutshiswa lempepha elephunga elihle. Bayalungisa izinkwa ezahlukaniselwe uThixo etafuleni legolide elihle, balumathise izibane oluthini lwegolide ntambama nsuku zonke. Thina siyawulalela umlayo kaThixo uNkulunkulu wethu. Kodwa lina limdelile. **12** UNkulunkulu ulathi, nguyey osikhokhelayo. Abaphristi bakhe abaphethe amacilongo bazawavuthela besibizela ekulweni lani. Madoda ako-Israyeli, lingabokulwa loThixo, uNkulunkulu wabokhokho benu, ngoba aliyikuphumelela.” **13** UJerobhowamu wayesethumele elinye iviyo lamabutho akhe ngemva ukuze athi yena ejamelane labakoJuda phambili lona licathamele ngemva kwabo. **14** AbakoJuda bafulathela kodwa babona ukuthi babehlaselwa inxa zonke phambili langemva kwabo. Bakhala kuThixo. Abaphristi bevuthela amacilongo abo **15** kwathi

abakoJuda bakhwaza ngephimbo lokuhlasela empini. Kuthe kuzwakala ukukhwaza ngephimbo lokuhlasela, uNkulunkulu wabhuya uJerobhowamu labo bonke abako-Israyeli phambi kuka-Abhija labakoJuda. **16** Abako-Israyeli babalekela abakoJuda njalo uNkulunkulu wabanikela ezandleni zabo. **17** U-Abhija lamabutho akhe babulala amadoda amanengi kakhulu, kwafa amadoda ako-Israyeli aqinileyo empini azinkulungwane ezingamatshumi amahlanu. **18** Amadoda ako-Israyeli aqinileyo ngalesosikhathi anqotshwa, kwathi abakoJuda baphumelela ngoba babethembele kuThixo, uNkulunkulu wabokhokho babo. **19** U-Abhija waxotshana loJerobhowamu wamthathela amadolobho eBetheli, leleJeshana kanye lele-Efroni, lemizi eyayiseduzane khonapho. **20** UJerobhowamu kazange abuse futhi kusabusa u-Abhija. UThixo wamtshaya wafa. **21** Kodwa u-Abhija waqina waba lamandla embusweni. Wathatha abafazi abalitshumi lane waba lamadodana angamatshumi amabili lamadodakazi alitshumi lesithupha. **22** Ezinye izehlakalo ekubuseni kuka-Abhija, akwenzayo lakutshoyo, kulotshiwe ezindabeni zomphrofethi u-Ido.

**14** Ngakho u-Abhija waya kubokhokho bakhe wembelwa eMzini kaDavida. Indodana yakhe u-Asa wathatha isikhundla sakhe waba yinkosi, njalo ngezinsuku zokubusa kwakhe kwaba lokuthula elizweni okweminyaka elitshumi. **2** U-Asa wenza okuhle lokulungileyo phambi kukaThixo uNkulunkulu wakhe. **3** Wasusa wonke ama-alithare ezizweni lezindawo zokukhonzela, wadiliza izinsika zakhona lezithombe zikankulunkulukazi

u-Ashera. **4** Walaya abakoJuda ukuba bakhonze uThixo, uNkulunkulu wabokhokho babo, balandele yonke imithetho lemilayo yakhe. **5** Wavala izindawo zokukhonzela lama-alithare empepha kuwo wonke amadolobho akoJuda, ngakho kwaba lokuthula ekubuseni kwakhe. **6** Wakha imizi ebiyelweyo koJuda, njengoba kwakulokuthula elizweni. Kakho owalwa impi laye ngaleyominyaka, ngoba uThixo wamnika ukuphumula. **7** Wathi kwabakoJuda, “Kasakheni imizi le siyizingezelele ngemiduli, lemiphotshongo, lamasango leminxibo. Ilizwe lilokhu lingelethu, ngoba simtholile uThixo uNkulunkulu wethu; simkhonzile usesilethele ukuthula inxa zonke.” Basebesakha njalo baphumelela. **8** U-Asa wayelamabutho empi azinkulungwane ezingamakhulu amathathu koJuda, ayehlome ngamahawu amakhulu lemikhonto, lamanye azinkulungwane ezingamakhulu amabili alamatshumi ayisificaminwembili koBhenjamini, ayehlome ngezihlangu ezincinyane lamadandili. Wonke kungamadoda alezibindi zokulwa. **9** UZera umKhushi waphuma ebathukuthelele ephelekezelwa libutho elikhulu lezinqola zokulwa ezingamakhulu amathathu, waze wayafika eMaresha. **10** U-Asa waphuma laye ukuyamjamela, bafika bajama eSigodini saseZefatha phansi kweMaresha. **11** U-Asa wasekhuleka kuThixo uNkulunkulu wakhe wathi: “Thixo, kakho omunye onjengawe ongavikela ababuthakathaka kwabalamandla. Sisize, Oh Thixo Nkulunkulu wethu, ngoba thina sithembele kuwe, ngebizo lakho siphumile ukuba silwe lalelibutho lempi elikhulu kangaka. Oh Thixo,

unguNkulunkulu wethu; umuntu angezake amelane lawe.”

**12** UThixo wawatshaya wawabhuqa amaKhushi phambi kuka-Asa labakoJuda. AmaKhushi abaleka, **13** kodwa u-Asa lamabutho akhe waxotshana lawo waze wayawafikisa eGerari. Kwafa amaKhushi amanengi okokuthi kasazange azame ukuqoqana kutsha; abhuqwa phambi kukaThixo laphambi kwamabutho akhe. Amadoda akoJuda atshuquluza impango enengi kakhulu. **14** Atshabalalisa yonke imizi yaseGerari, ngoba ukuthukuthela kukaThixo kwakuphezu kwayo. Atshuquluza yonke imizi ngoba impango yayinengi kuyo. **15** Ahlasela izihonqo zabelusi njalo abutha imihlambi yezimvu, imbuzi kanye lamakamela. Asebuyela eJerusalema.

**15** Umoya kaNkulunkulu wehlela phezu kuka-Azariya indodana ka-Odedi. **2** Waphuma ukuba ayehlangabezana lo-Asa wasesithi kuye, “Lalela kimi, Asa labo bonke abakoJuda labakoBhenjamini. UThixo ulawe nxa wena ukuye. Nxa umfuna, uzamthola, kodwa nxa umlahla uzakulahla. **3** Okwesikhathi eside abako-Israyeli babengelaye uNkulunkulu weqiniso, bengelaye umphristi wokufundisa njalo bengelawo umthetho. **4** Kodwa osizini lwabo baphendukela kuThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, bamdinga bamthola. **5** Ngalezonsuku, ngenxa yokuxokozela okukhulu kwezizwe, kwakungelula ukuhambahamba. **6** Kwakulencithakalo isizwe sichithwa ngesinye, umuzi uchithwa ngomunye, ngoba uNkulunkulu wabehlisela zonke inhlobonhlobo zosizi. **7** Kodwa wena, qina ungayekethisi, ngoba owakho umsebenzi uzakuba lomvuzo.” **8** U-Asa wathi

ewezwa lamazwi lesiphrofethi sika-Azariya indodana ka-Odedi umphrofethi, waqina waba lesibindi. Wasusa zonke izithombe ezinengisayo kulolonke ilizwe lakoJuda lelakoBhenjamini lasemizini ayeyithumbile emaqaqeni ako-Efrayimi. Wavuselela i-alithari likaThixo elaliphambi komkoto wethempeli likaThixo. **9** Wasebutanisa bonke abakoJuda labakoBhenjamini kanye labantu ababevela ko-Efrayimi, lakoManase kanye lakoSimiyoni ababehlezi phakathi kwabo, ngoba babebanengi kakhulu abako-Israyeli ababethe ngokubona ukuthi uThixo uNkulunkulu wayelaye bathutha beza ngakuye. **10** Babuthana eJerusalema ngenyanga yesithathu ngomnyaka wetshumi lanhlanu wokubusa kuka-Asa. **11** Ngalesosikhathi benza imihlatshelo kuThixo eyezinkomo ezingamakhulu ayisikhombisa lezimvu kanye lembuzi eziyizinkulungwane eziyisikhombisa kulezo ababezithumbe babuya lazo. **12** Benza isivumelwano sokuba bamdinge uThixo, uNkulunkulu wabokhokho babo, ngezinhliziyo zabo ezipheleleyo langomoya. **13** Bonke ababengayi kumdinga uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, babefanele babulawe, loba bebancinyane loba bebakhulu, loba kungowesilisa kumbe owesifazane. **14** Benza isifungo kuThixo ngokuvungama, bememeza njalo bevuthela lamacilongo lempondo. **15** AbakoJuda bathokoza bonke ngesifungo ngoba babesenze ngenhliziyo yabo yonke. Bamdinga uThixo ngokulangatha, wabavumela ukuthi bamthole. Ngakho uThixo wabanika ukuthula inxa zonke. **16** Inkosi u-Asa yasusa ugogo wayo uMahakha esikhundleni sokuba yindlovukazi ngoba wayenze insika



yokukhonzela unkulunkulukazi u-Ashera oyisinengiso. U-Asa wayidiliza insika, wayiqumaquma wayitshisela eSigodini saseKhidironi. **17** Lanxa engasusanga izindawo zokukhonzela ko-Israyeli, u-Asa wayezinikele kuThixo ngenhliziyo yakhe yonke empilweni yakhe yonke. **18** Wangenisa ethempelini likaNkulunkulu isiliva legolide lezinto lezo yena kanye loyise ababezahlukanisele uThixo. **19** Akusazange kube lempi kwaze kwaba ngumnyaka wamatshumi amathathu lanhlanu wokubusa kuka-Asa.

**16** Ngomnyaka wamatshumi amathathu lesithupha wokubusa kuka-Asa uBhasha inkosi yako-Israyeli wasuka wayavimbezela uJuda wakhela iRama inqaba ukunqabela loba ngubani ukuthi angaphumi loba angangeni elizweni lika-Asa inkosi yakoJuda. **2** Ngakho u-Asa wathatha isiliva legolide esiphaleni senotho sethempeli likaThixo lakwesakhe esigodlweni sakhe wakuthumela kuBheni-Hadadi inkosi yase-Aramu, owayebusa eDamaseko. **3** Wathi, “Kasenze isivumelwano mina lawe njengalokho okwakwenziwe ngubaba loyihlo. Uyabona, nanku mina ngikuthumele isiliva legolide. Wena yesula isivumelwano sakho loBhasha inkosi yako-Israyeli yikho ezahlehla angiyekele.” **4** UBheni-Hadadi wavumelana lenkosi u-Asa wahle wathumela abalawuli bamabutho akhe ukuba bayehlasela imizi yako-Israyeli. Banqoba elako-Ijoni, lelakoDani le-Abheli-Mayimi kanye layo yonke imizi yeziphala zakoNafithali. **5** UBhasha wathi ekuzwa lokhu wema ukwakha iRama wahle wayekela umsebenzi wakhe. **6** Ngakho inkosi u-Asa yaletha wonke amadoda akoJuda athutha amatshe

lezigodo eRama okwakusetshenziswa nguBhasha. Wakha ngakho iGebha leMizipha. 7 Ngalesosikhathi uHanani umboni wafika ku-Asa inkosi yakoJuda wathi kuye: “Ngenxa yokuthi wethembele enkosini yase-Aramu wadela ukwethembela kuThixo uNkulunkulu wakho, ibutho lenkosi yase-Aramu seliphunyukile esandleni sakho. 8 Kanti amaKhushi lamaLibhiya babengelabutho elilamandla amakhulu lamanani amanengi ezinqola zokulwa lamadoda alwa ngamabhiza na? Kodwa-ke kwathi usuthembele kuThixo, wabanikela esandleni sakho. 9 Ngoba amehlo kaThixo athungatha umhlaba wonke ukuze aqinise labo abanhliziyo zabo zizimisele kuye. Usuwenze ubuwula, ngakho kusukela khathesi uzahlala usempini.” 10 U-Asa wazondela umboni ngenxa yalokho; wathukuthela wahle wamfaka entolongweni. Kusenjalo u-Asa waphatha abanye babantu ngochuku. 11 Izehlakalo zombuso ka-Asa, kusukela ekuqaleni kuze kube sekupheleni, zilotshwe egwalweni lwamakhosi akoJuda lawako-Israyeli. 12 Ngomnyaka wamatshumi amathathu layisificamunwemunye wokubusa kwakhe u-Asa wahlaselwa ngumkhuhlane ezinyaweni zakhe. Loba umkhuhlane wakhe wawubuhlungu kakhulu, kazange adinge usizo kuThixo, kodwa wayesiya ezinyangeni. 13 Kwathi ngomnyaka wamatshumi amane lowodwa u-Asa wafa walala kunye laboyise. 14 Bamngcwaba ethuneni ayezenzele lona eMzini kaDavida. Bambeka phezu kwethala elaligcwele amakha enhlobo ngenhlobo ayexutshwe ngokuhlakanipha kwezingcitshi zamakha, babasa umlilo omkhulu wokumhlonipha.

**17** UJehoshafathi indodana ka-Asa waba yinkosi esikhundleni sakhe; wazilungisela ukumelana lo-Israyeli empini. **2** Wabeka amabutho emizini ebiyelweyo yakoJuda wafaka amaviyo koJuda kanye lasemizini yako-Efrayimi eyayithunjwe nguyise u-Asa. **3** UThixo wayelaye uJehoshafathi ngoba ngeminyaka yakuqala wayehamba ngezindlela ezalandelwa nguyise uDavida. Kabadinganga oBhali, **4** kodwa wadinga uNkulunkulu kayise njalo walalela imilayo yakhe kazange alingisele okwakusenziwa ngabako-Israyeli. **5** UThixo wawuqinisa umbuso wakhe, bonke abakoJuda baletha izipho kuJehoshafathi, ngakho wanotha kakhulu njalo wahlonitshwa kakhulu. **6** Inhliziyo yakhe yayi kuThixo ngokuzinikela okukhulu ezindleleni zakhe; njalo wasusa zonke izindawo zokukhonzela wadiliza lezinsika zikankulunkulukazi u-Ashera koJuda. **7** Ngomnyaka wesithathu wokubusa kwakhe wathuma izikhulu zakhe oBheni-Hali, lo-Obhadaya, loZakhariya, loNethaneli kanye loMikhaya ukuba ziyefundisa emizini yakoJuda. **8** Ndawonye lazo kwakulabanye abaLevi uShemaya loNethaniya, loZebhadiya, lo-Asaheli, loShemiramothi, loJehonathani, lo-Adonija, loThobhija kanye loThobhi-Adonija lo-Elishama loJehoram u-abaphristi. **9** Bafundisa kulolonke elakoJuda, bethwele uGwalo lwemiThetho kaThixo; babhoda yonke imizi yakoJuda befundisa abantu. **10** Ukumesaba uThixo kwagcwala kuyo yonke imibuso yamazwe akhelane loJuda, ngakho abasayanga empini loJehoshafathi. **11** Amanye amaFilistiya alethela uJehoshafathi izipho lesiliva njengomthelo, lama-

Arabhu aletha imihlambi yezimvu: izinkulungwane eziyisikhombisa lamakhulu ayisikhombisa enqama, lembuzi eziyizinkulungwane eziyisikhombisa lamakhulu ayisikhombisa. **12** UJehoshafathi waba lamandla amakhulu angezelelweyo, wakha izinqaba lamadolobho eziphala koJuda **13** njalo wayelokudla okunengi emizini yakoJuda. Wayelamabutho akwaziyo ukulwa ayehlala eJerusalema. **14** Wona ayemi kanje ngezimuli: KwabakoJuda, abalawuli bamaviyo enkulungwane babeyilaba: u-Adina umlawuli wayelamaqhawe alamandla azinkulungwane ezingamakhulu amathathu; **15** kulandele uJehohanani umlawuli, elamabutho azinkulungwane ezingamakhulu amabili lamatshumi ayisificaminwembili; **16** kulandele u-Amasiya indodana kaZikhiri, owazinikela ukusebenzela uThixo elamaqhawe alamandla azinkulungwane ezingamakhulu amabili. **17** KwabakoBhenjamini: kwakungu-Eliyada, indoda eliqhawe, elamadoda azinkulungwane ezingamakhulu amabili ayehlome ngamadandili lezihlangu; **18** kulandele uJehozabhadi elamadoda azinkulungwane ezilikhulu lamatshumi ayisificaminwembili ayehlomele ukulwa impi. **19** Yiwo la amadoda ayesebenzela inkosi, ngaphandle kwalawo ayesemzini ebiyelweyo kulolonke elakoJuda.

**18** Ngakho uJehoshafathi wayenotho kakhulu njalo ehlonipheka, waba lobunini lo-Ahabi ngokwendiselana. **2** Ngemva kweminyaka ethile wayakwethekelela u-Ahabi eSamariya. U-Ahabi wamhlabela izimvu ezinengi lenkomo yena kanye labantu ayelabo njalo wamkhuthaza ukuba

ahlasele iRamothi Giliyadi. **3** U-Ahabi inkosi yako-Israyeli yabuza uJehoshafathi inkosi yakoJuda wathi: “Uzahamba lami na ukuyahlasela iRamothi Giliyadi?” UJehoshafathi waphendula wathi, “Mina nginjengawe, abantu bami banjengabantu bakho; sizakuba lawe empini.” **4** Kodwa uJehoshafathi waphinda wathi enkosini yako-Israyeli, “Akubuze kuThixo kuqala.” **5** Ngakho inkosi yako-Israyeli yasibuthanisa abaphrofethi, amadoda angamakhulu amane, yababuza yathi, “Siphume impi siyehlasela iRamothi Giliyadi, loba ngizithibe na?” Bayiphendula bathi, “Hamba, ngoba uNkulunkulu uzayinikela esandleni senkosi.” **6** Kodwa uJehoshafathi wabuza wathi, “Kambe kakusela mphrofethi kaThixo lapha esingabuza kuye na?” **7** Inkosi yako-Israyeli yathi kuJehoshafathi, “Ukhona oyedwa esingabuza uThixo ngaye kodwa ngiyamzonda ngoba kakaze aphrofethe okuhle ngami, uhlala ekhuluma okubi. Ibizo lakhe nguMikhaya indodana ka-Imla.” UJehoshafathi wathi, “Inkosi kayimelanga itsho njalo.” **8** Ngakho inkosi yako-Israyeli yabiza esinye sezikhulu zayo yathi kuso, “Ngibizela uMikhaya indodana ka-Imla khathesi.” **9** Bembethe izembatho zabo zobukhosi, inkosi yako-Israyeli loJehoshafathi inkosi yakoJuda babehlezi ezihlalweni zabo zobukhosi esizeni sokubhulela amabele esangweni laseSamariya labo bonke abaphrofethi bephrofetha phambi kwabo. **10** UZedekhiya indodana kaKhenana wayekhande impondo zensimbi, wasesithi, “Nanku okutshiwo nguThixo, uthi: ‘Ngempondo lezi uzagwaza ama-Aramu uwabhubhise.’” **11** Bonke abaphrofethi babevele bephrofetha okufananayo

besithi, “Hlasela iRamothe Giliyadi unqobe, ngoba uThixo uyinikile esandleni senkosi.” **12** Isithunywa esasithunywe ukuyabiza uMikhaya sathi kuye, “Khangela, abanye abaphrofethi bafakaza bengela kuthandabuza ukuthi inkosi izanqoba. Lawe vumelana labo, ukhulume okuyithokozisayo.” **13** Kodwa uMikhaya wathi, “Ngeqiniso njengoba uThixo ekhona, engingamtshela khona yilokhu okutshiwo nguThixo.” **14** Uthe efika, inkosi yambuza yathi, “Mikhaya, siye empini eRamothe Giliyadi, loba ngizithibe na?” Yena waphendula wathi: “Hlasela unqobe, ngoba bazanikelwa ezandleni zakho.” **15** Inkosi yathi kuye, “Kumele ngikufungise kangaki ukuze ungangikhohlisi kodwa ungitshela iqiniso ebizweni likaThixo?” **16** Ngakho uMikhaya waphendula wathi, “Ngabona abako-Israyeli bonke behlakazekile emaqaqeni njengezimvu ezingelamelusi, uThixo wathi, ‘Lababantu kabalamkhokheli. Kabazibuyelele emakhaya ngokuthula.’” **17** Inkosi yako-Israyeli yathi kuJehoshafathi, “Kangikutshelanga yini ukuthi uvele kaphrofethi lutho oluhle ngami kodwa okubi kuphela na?” **18** UMikhaya waqhubeka wathi, “Ngakho zwanini ilizwi likaThixo: Ngabona uThixo ehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi lebuthe lonke lasezulwini limi ngakwesokudla langakwesokhohlo. **19** Njalo uThixo wathi, ‘Ngubani ozakhohlisa u-Ahabi inkosi yako-Israyeli ukuba ahlasele eRamothe Giliyadi njalo ayofela khona na?’ Omunye wabonisa lokhu, omunye laye lokhuyana. **20** Ekucineni kwavela umoya, wema phambi kukaThixo wathi: ‘Mina ngizamhuga.’ UThixo wathi kuwo: ‘Ngendlela bani

na?’ **21** Wona wathi: ‘Ngizahamba ngiyekuba ngumoya wokuqamba amanga emilonyeni yabo bonke abaphrofethi bakhe.’ UThixo wathi: ‘Uzaphumelela ukumhuga. Hamba ke uyekwenza lokho.’ **22** Ngakho khathesi uThixo usefake umoya wenkohliso emilonyeni yabaphrofethi bakho bonke laba. UThixo usekumisele ukubhujiswa.” **23** Ngakho uZedekhiya indodana kaKhenana waphakama wayawakala uMikhaya ngempama ebusweni, watsho embuza wathi, “Umoya kaThixo wasuka njani kimi ukuyakhuluma kuwe na?” **24** UMikhaya waphendula wathi, “Wena ngokwakho uzakubona lokho mhla ubalekela endlini engaphakathi usiyacatsha.” **25** Inkosi yako-Israyeli yathi, “Bambani uMikhaya, limbuyisele ku-Amoni umbusi wedolobho lakuJowashi indodana yenkosi **26** lithi: ‘Nanku okutshiwo yinkosi, ithi: Valelani umuntu lo entolongweni, lingamniki lutho ngaphandle kwesinkwa lamanzi ngize ngiphenduke kukuhle.” **27** UMikhaya waqonqosela wathi: “Nxa ungaphenduka kuhle, uThixo uyabe engakhulumanga ngami.” Waqhubeka wathi, “Lani lonke bantu abambisiseni amazwi ami!” **28** Ngakho inkosi yako-Israyeli loJehoshafathi inkosi yakoJuda baya eRamothi Giliyadi. **29** Inkosi yako-Israyeli yathi kuJehoshafathi: “Mina ngizakuya empini ngizazifihla ngokulahlisa isimo sami, kodwa wena gqoka ezakho ezobukhosi.” Ngakho inkosi yako-Israyeli yazifihla ngokulahlisa isimo sayo yangena empini. **30** Ngakho inkosi yase-Aramu yayiqonqosele abalawuli bezinqola zokulwa yathi, “Lingalwi lamuntu, loba ngomncinyane loba ngomkhulu, ngaphandle kwenkosi

yako-Israyeli.” **31** Abalawuli beziqola zokulwa bathi bebona uJehoshafathi bathi, “Yiyonale inkosi yako-Israyeli.” Ngakho bamphendukela ukuba bamhlasele, kodwa uJehoshafathi wahlaba umkhosi, uThixo wamsiza. UNkulunkulu wabenza baya khatshana laye, **32** ngoba abalawuli beziqola zokulwa bathi sebebonile ukuthi kasiyo inkosi yako-Israyeli, abazange besaxotshana laye. **33** Kodwa omunye watshoka kungananzelelwe umtshoko waphutsha emkhandlwini wesikhali wagwaza inkosi yako-Israyeli. Inkosi yatshela umtshayeli wenqola yokulwa yathi, “Phendula inqola yakho ungisuse lapha, sengilimele.” **34** Impi yalwiwa ilanga lonke, njalo inkosi yako-Israyeli yeyama enqoleni yayo yokulwa ikhangele ama-Aramu kwaze kwaba ntambama. Kuthe litshona layo yabe isifa.

**19** UJehoshafathi inkosi yakoJuda wathi esebuyela eJerusalema esigodlweni sakhe ephephile, **2** uJehu umboni, indodana kaHanani, waphuma ukuba ayomhlangabeza wasesithi enkosini, “Kufanele yini ukuba uncedise ababi njalo uthande abamzondayo uThixo? Ngenxa yalokho, ulaka lukaThixo luphezu kwakho. **3** Kodwa-ke kukhona okuhle ngawe, ngoba uziqedile elizweni lonke izinsika zikankulunkulukazi u-Ashera, inhliziyo yakho wayimisela ukudinga uNkulunkulu.” **4** UJehoshafathi wayehlala eJerusalema, waphuma wahambela abantu kusukela eBherishebha kusiya elizweni lamaqaqa lako-Efrayimi wabaphendula ukuba bamkhonze uThixo, uNkulunkulu wabokhokho babo. **5** Wakhetha abehluleli elizweni, kuwo wonke



amadolobho abiyelweyo akoJuda. **6** Wabatshela wathi: “Linanzelele elikwenzayo, ngoba kalehluleli umuntu kodwa lehlulela uThixo, yena uzalisiza ekwahluleleni. **7** Ngakho mesabeni uThixo linanzelele elikwenzayo, yahlulelani ngonanzelelo ngoba kuThixo uNkulunkulu wethu kakukho ukwehlulela kubi loba ubandlululo loba ukufumbathisana.” **8** Lakhona eJerusalema, uJehoshafathi wabeka abaLevi abathile labaphristi lezinhloko zezindlu zabako-Israyeli ukuba balawule umthetho kaThixo balamule lemibango. Babehlala eJerusalema. **9** Wabanika iziqondiso ezithi: “Kumele lethembeke ngokumesaba uThixo, ngobuqotho langenhliziyonye ephelileyo. **10** Wonke amacala eza kinye evela ezihlotsheni zenu kuwo wonke amadolobho elihlala kiwo loba kungamacala okuchitha igazi loba awokwephula umthetho, imilayo, izimiso loba iziqondiso, baxwayiseni ukuba bangoni kuThixo, funa ulaka lwakhe lwehlele phezu kwenu labafowenu. Lingenza lokho aliyikwenza isono. **11** U-Amariya umphristi omkhulu nguye ozalikhangelanga emsebenzini wonke kaThixo, kuthi uZebhadiya indodana ka-Ishumayeli, umkhokheli wesizwe sakoJuda alikhokhele ezintweni eziqondane lenkosi, abaLevi labo bazakuba yizikhulu zenu. Yenzani ngesibindi, njalo sengathi uThixo angaba lalabo abazakwenza ngobuqotho.”

**20** Ngemva kwalokho amaMowabi lama-Amoni kanye labanye bamaMewuni baphuma impi ukuba bayehlasela uJehoshafathi. **2** Amanye amadoda aya kuJehoshafathi afika athi kuye, “Kulempi enkulu ezayo ukuzakuhlasela

